# *Hambani, Nitshele*

Fakaza, nodade omncane emuva lapho, ngicabanga ukuthi kuzwakalisa lelo culo:

> O, uthando lukaNkulunkulu, lucebile futhi lumsulwa kangaka!
> Alunamkhawulo futhi luqine kangaka!

Usuku olunje pho kithi. Masithule nje, namakhanda ethu ekhotheme manje, sicule lelo eNkosini ngaphambi nje komkhuleko. Nje, uTeddy, uma uthanda, sinikeze indlela encane. Futhi asilicule nje e. . . namakhanda ethu ekhotheme, amehlo ethu evaliwe, ngaphambi nje komkhuleko.

> O, uthando lukaNkulunkulu, lucebile futhi lumsulwa kangaka!
> Alunakulinganiswa futhi luqine kangaka!
> Luyohlala njalo . . . [Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.]

2 Uma uyinki, onke amanzi ayephenduke uyinki, nazo zonke izibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshelwa kulo, nasosonke isiqu emhlabeni silusiba, nawowonke umuntu engumbhali ngomsebenzi, nokho akunakuzwakalisa uthando lukaNkulunkulu esizweni esiwileyo sika-Adamu. SiyaKubonga, Baba, ngaleloGazi eliyigugu leNkosi uJesu, nangalokho kusa okuyinkumbulo yokuvuka, nangothando lwaKho oluhlengayo elophayo ndawo zonke ezinhliziyweni zethu namhlanje, ngoMoya oNgcwele. Ukusiletha enhlanganyelweni naYe, Lowo onobuNkulunkulu, uMdali. Singenise ebuzalwaneni, emhlabeni, obungakaze behlulwe. Akukho dlangala, noma isifungo, esingasoze, soze saqhathaniseka nobuzalwane babesilisa nabesifazane abazelwe ngokusha. Futhi obuyoba yiculo labangcwele nezingelosi kuze kube phakade!

3 Siyakhuleka namhlanje ukuthi Uzobusisa konke lokho esikwenzayo ukuzama ukubonakalisa, ukuthokoza kwethu—kwethu ezinhliziyweni zethu kuWe, ngalokho Osenzele khona. Futhi ukwazi ukuthi kwakungesizo kuphela izinhliziyo zabafundi ezajatshuliswa ngalokho kusa, uMariya noMariya Magdalena, kodwa nathi, abafundi baKho namuhla, izinhliziyo zethu zenziwe zajabula ihora esithola ngalo ukuthi Akafile, kodwa uyaphila. Kwangathi Angahlala njalo ephila ezinhliziyweni zethu, phakathi kwethu. Siyacela eGameni likaJesu. Amen.

Bekungeke kube khona noma ubani obonakalisa ukuvuka!

4 Manje, ngalokhu kusa kokuvuka, kuyisikhathi esihle kakhulu sezehlakalo ezincane ukwenzeka ebandleni manje,

okungukuthi, omama benikela izingane zabo. Kuyinto entsha, into ethile yengezwe ekhaya labo. Esinye isibusiso esisha sifikile kubo. Futhi bafuna uku, ekuphenduleni, basinike uNkulunkulu.

5 Futhi khona-ke emva ko—komlayezo wasekuseni, sizoba nomkhuleko wabagulayo, ukuthi uzovuswa ekuguleni kwakho, ungene ekuphileni okusha. Khona-ke masinyane emva kwalokho, kulabo abangakabhaphathizwa, sizoba nokuvuka kwalokho; ukungcatshwa emanzini, ukuvukela ebusheni bempilo. Konke kanye kanye kungukuvuka kulokhu kusa, ukuvuka! Izinhliziyo zethu zenziwe zajabula futhi zakhanya, njengoba sicula amaculo futhi silalela ubufakazi babanye, balokhu kusa kokuvuka okumangalisayo. Futhi sibuka ngaphandle futhi sibona uNkulunkulu ujabule ngakho, izihlahla ziyavuka.

6 Ngesinye isikhathi esedlule, ezansi eKentucky, uMnu. Wood nami sasizingela izingwejeje, futhi senyukela endaweni yendoda. Leyo ndoda kungahle ukuba ihlezi ikhona lapha manje, ngakho konke engikwaziyo. Futhi yayifanele ukuba umphiki-nkolo. Futhi uMfowethu Wood wamcela, wathi, "Ngingazizingela izingwejeje endaweni yakho na?"

Yathi, "Yebo, Wood, ungazizingela izingwejeje. Qhubekela emuva." Wathi, "Awu, ngilethe, ngihambisana nomelusi wami."

7 Futhi yathi, "Wood, awuqondile ukungitshela ukuthi usuwehle ngangokuthi ufanele uthwale umshumayeli nawe ngasosonke isikhathi!"

8 Futhi ngakho wangibizela uku—ukungethula. Futhi umfo wayethe ukuba wuhlobo lomfo ol'khuni. Watshelwa abanye, ukuthi, kodwa wayengebone lutho ukumenza akholwe.

9 Futhi kwakukhona isihlahla sama-apula simile lapho engangikhe i-apula. Kwakungu-Agasti. Futhi ngathi kumnumzane ohloniphekile, ngathi, "Sidala kangakanani leso sihlahla na?"

10 Futhi wathi, "Iminyaka engamashumi amathathu ethize," into ethize noma okunye. Wayesitshalile.

11 Futhi ngathi, "Kade udla ama-apula kusukela siwathela na?"

"Yebo, mnumzane."

12 Ngathi, "Kwenzakaleni kulesohlahla na? Uma uzosibuka, manje sekungu-Agasti, kade kunesimo sezulu esishisayo sonke lesisikhathi; kodwa manje amaqabunga ayawohloka kuleso sihlahla, futhi amanzi esihlahla ayasuka emagatsheni, ehlela phansi ezimpandeni. Ukuba afanele ahlale phezulu lapha sonke isikhathi sasebusika, isihlahla besingeke sisaba khona; kodwa ehlela phansi ekungcoleni, ukuba azifihle emimoyeni ebandayo. Uma ebehlale phezulu lapha, besizofa, besingeke siphinde nhlobo sithele ama-apula. Kodwa ayehla

ukuba acashe ezimpandeni, ukuba abuye ngonyaka ozayo, ukukulethela amanye ama-apula evela ndawana-thize, namanye amaqabunga."

13 Futhi ngathi, "Manje, mnumzane, ngi—ngiyakunxusa ngitshele ukuthi Buhlakani buni obenza lawo manzi esihlahla ashiye isihlahla ngaphambi kwanoma yisiphi isimo sezulu esibandayo, futhi ehlele phansi ezimpandeni ukucasha na? Uma ungangitshela ukuthi yini eyenza lokho, futhi ungichazele khona, yini ekwenzayo, khona-ke ngizokuvumela ubeke isandla sakho kuNkulunkulu." Ngathi, "Ufaka amanzi esigxotsheni futhi ubone ukuthi azokwenza yini, bona ukuthi ukuguquka kwenkathi yonyaka izokwenza yini. Kukhona uBuhlakani obuthize obukhulu obuhambisa lawomanzi ezihlahla ehlele phansi ezimpandeni, futhi bese-ke kubuyisela futhi nokuphila okusha. Lowo nguNkulunkulu."

14 Futhi yathi, "Angikaze ngiye esontweni kakhulu impela." Yathi, "Kodwa kwakukhona umshumayeli ophumela lapha e-Acton, ngesinye isikhathi, futhi watshela owesifazane othize, owayehlala phezulu egqumeni, ukuthi udadewabo wayengaleya emhlanganweni ngalobo busuku, futhi wamtshela ukuthi wayekhulekela udade owayenomdlavuza." Futhi wathi, "Umkami nami sasikade siphezulu lapho ukumsiza." Futhi yathi, "Wayekabi kakhulu, nomdlavuza wesisu, kuze kuthi babedingeka bamphendule embhedeni ngeshidi, nokunye nokunye. Udadewabo wabuya neduku lesandla," wathi, "emva kokuba indoda yayimtshele ngezimo zakhe nakho konke, yathi, 'beka iduku kuye.'" Futhi wathi, "Uyaphila namhlanje."

15 "Futhi nje kuyabonisa." Ngathi, "UBuhlakani obufanayo obatshela lawo manzi esihlahla esihlahleni, unyaka nonyaka, khona ngqo phambi kwamehlo akho, ukwehlela phansi ezimpandeni futhi acashe, kwakunguBuhlakani obufanayo obangitshela ukuthi owesifazane wayezophulukiswa lapho ebeka i . . ." Ngathi, "Lokho akufihlekile kakhulu—kakhulu. Unomshumayeli ongcono kakhulu omi phambi kweyadi lakho, isihlahla, okutshelayo unyaka emva konyaka."

16 Uma nje sizobuka nxazonke, sibona uNkulunkulu yonke indawo. Ukuso sonke isihlahla, wonke umucu wotshani. Akukho lutho olungawuveza kodwa uNkulunkulu. Singakuveza okubukeka njengawo; kodwa hhayi lokho kuphila, nguNkulunkulu.

17 Manje, umucwana wotshani wenezelwe kwamanye amakhaya lapha, futhi sifuna ukubusisa lezizingane ezisencane eNkosini. Teddy, sineculo elincane lapha esiliculayo, *Bangeniseni*, ungalidlala lelo nje ngenkathi omama efuna izingane zabo zibusiswe, nobaba, bazokwenyusela abancane babo lapha e-altare.

18 Futhi sinenqwaba yezimbali ezincanyana zePhasika lapha kuleli-altare kulokhu kusa, asinjalo na? He, he! Ngiyacabanga kukhona oMariya omncane, oRuthe, oRebeka, uJakobe omncane, uPawulu, noJohane, bonke lapha, izimbali ezincane zePhasika zesinye isizukulwane.

19 Kulungile, khona lapho. Ngikholwa ukuthi uMfowethu Beeler ufuna ukuthola lesi sithombe salo—lomfo omncane omi lapha, ngu—ngumzukulu kaMfowethu Wood, uDadewethu Wood ngapha. Futhi abanye bayeza manje nabancinyane babo. Wozani ngaphambili ngqo, bafo. Kulungile. Mfowethu Neville.

20 Kukhulu ukuhlangana efindweni lomshado ongcwele, kwamiselwa nguNkulunkulu. Futhi ngefindo lomshado ongcwele uveza lezizinganyana ezithandekayo.

21 Uzodingeka ungitshele igama layo lapha manje. UBrenda Sue. Ubukeka wehlukile kakhulu, mtwanyana, kunangenkathi ngikubone okokuqala. Awu, nangu uBrenda Sue Wood omncane, ngempela umcebo omncane oligugu ezinhliziyweni zethu sonke, futhi ikakhulukazi kulomama osemusha nobaba.

22 Futhi ngezikhathi zeBhayibheli. Abantu abaningi bayazifafaza lezi zinganyana; kodwa sizama ukulandela inkambiso yeBhayibheli ngokusondele ngangesingakwenza. Asikaze sibone lapho bake bafafazwa khona, eBhayibhelini, kodwa balethwa eNkosini uJesu futhi Yababusisa. Futhi siyabathatha, njengezinceku zaKhe, futhi sibaphakamisele kuYe.

23 Ngiyakholwa ukuthi uyazi ukuthi umkhulu uziqhenya kangakanani, uyazi. Ngakho asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

24 Nkosi Jesu, uMntwana kaNkulunkulu, Owakhululwa ngenxa yesiphambeko sethu. Futhi kuyinto eyigugu kakhulu ukubona abantwana abancane belethwe kuWe, esikhumbuzweni salokho okwenzeka eminyakeni emininingi edlule, lapho omama nobaba baletha abancinyane babo kuWe. Sibamba phambi kwaKho, namhlanje, ngezingalo zokukholwa, uBrenda Sue Wood omncane, othunyelwe emndenini kaMfowethu David nomkakhe oyigugu. Baba, Nkulunkulu, busisa lomntwana.

25 Bayavuma ukukholwa kwabo kuWe, njengoba bethula umntwana wabo ekuhlanganeni kwabo. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzobabusisa. Futhi kwangathi izinhliziyo zabo zingafudumala ngoMoya oNgcwele, ukuba baphile ngokwesaba uNkulunkulu kanjalo, izimpilo ezinikelwe, ukuthi lengane izolethwa ekhaya lamaKristu, ikhuliswe ekuyaleni kukaNkulunkulu, futhi iphile ende, impilo ejabulisayo lapha emhlabeni, futhi iKukhonze zonke izinsuku zokuphila kwayo. Futhi eNkazimulweni, lapho imindeni ibuthana nxazonke, kwangathi uBrenda Sue omncane nobaba wakhe nomama, nabo bonke abantu bakubo, babuthane ngokuzungeza isihlalo

sobukhosi sikaNkulunkulu, behlengiwe ngomusa kaKristu, lapho simphakamisela kuYe manje.

26 Dadewethu omncane, manje ngikunikela eNkosini uJesu Kristu, okwempilo yenkonzo kuYe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

27 UNkulunkulu akubusise, Marilyn, David, inqwaba yezinjabulo nezimpumelelo. Kwangathi omncinyane angaphilela uMbuso kaNkulunkulu.

28 Manje, nangu umfana omuhle, ukumamatheka okukhulu ebusweni bakhe. Igama lakhe? [Umama uyaphendula. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

USharon Rose . . . [Umama uthi, "USharon Daulton."—Umhl.] Daulton. Daulton. Ngabe lena yingane kaMfowethu Ed na? Awu, endaweni ethize, futhi cishe eminyakeni engamashumi amabili nambili eyedlule, uNkulunkulu wathatha ezingalweni zami uSharon Rose omncane, oseZulwini, namhlanje. Futhi manje, ukumnikela kuYe, nguSharon Rose Daulton. Siyamazi uMfowethu Ed noDadewethu Daulton, lapha, njengabangane bethu abayigugu. Ingane ethandeka kanje pho!

Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe loSharon Rose omncane. Esikhumbuzweni seNkosi uJesu enkulu, Owama emhlabeni, futhi baletha kuYe amantombazane amancane njengalena, ngikhulekela lengane, Nkosi. Kwangathi ingaphila futhi iqine futhi iphile. Kwangathi ingaphilela inkazimulo kaNkulunkulu. Busisa uyise nonina. Kwangathi ingakhuliswa ekuyaleni kukaNkulunkulu. Bavuma ukukholwa kwabo kuWe njengoba bethula ingane yabo kuWe. Manje sinika Wena, uSharon Rose Daulton omncane, ukuthi Uzobusisa impilo yakhe, Nkosi. Ngimethulela ezingalweni zikamama wakhe nobaba, kuWe, Nkosi yaMi noMsindisi, uJesu Kristu, ngenkazimulo yaKhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu, nawe, mfowethu.

O, he! Omncane, umfana ogulayo. Yini inkathazo yakhe na? [Umama uthi, "Ikhanda lakhe liya ngokuba likhulu kakhulu . . ." Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . into ethize eyehlukile. NgiyaMkholwa.

Nkosi, Nkulunkulu, ngiletha kuWe uMason omncane. Ngiyakhuleka, Nkosi Jesu, ukuthi Uzothatha lengane engiyibambile phakathi lapha ngezingalo zami, ukuba ngimnikele kuWe. Ngiyayiqalekisa lenhlupheko ephezu kwakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi uMason omncane angabekwa ezandleni zaKho, Nkosi, futhi kwangathi ukuhlupheka kungasuka kuye. Kwangathi ingane ingaphilela udumo nenkazimulo kaNkulunkulu. Abazali babonakalisa ukukholwa kwabo njengoba bemletha. Kwangathi Ungamphulukisa umntwana futhi umphilise. Kwangathi

angaphilela inkazimulo kaNkulunkulu, ukuba akukhonze. Nkosi Nkulunkulu, nginikela kuwe uMason omncane, eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yempilo yakhe nangenxa yokuphulukiswa kwakhe. Amen.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

O, intombazanyana, futhi na? Awu, lokho kuhle. Yenyukela lapha, mfo omncane. Yima phezulu lapha ngqo. Igama lakho ungu. . . [Ubaba uthi, "Sumner."—Umhl.] Sumner. Mfowethu noDadewethu Sumner. Ngiyakholwa nivela eGeorgia, aninjalo na? Ngacabanga ukuthi ngawukhumbula umkhuleko. Kunabantu abaningi ezansi lapho. Lona ngu. . . ["Latrelle."] ULatrelle. ["Dwight."] UDwight. ["David."] NoDavid. Ulizwile igama labo. Kwangathi uNkulunkulu angabhala amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

Baba wethu waseZulwini, siletha lezi zithandwa ezincane kuWe kulokhu kusa, njengoba ngibeka isandla sami emqhinweni omncane ngokunqamula ekhanda labo, izinwele ezincane ezithambile zalaba bafana. O Nkosi, babusise. Abazali babo baveze uthando lwabo nokholo lwabo kuWe ngokwethula abantwana babo. Futhi siyabanikela kuWe, Nkosi, njengoba bethathwe ezingalweni zabazali, ukuba bame lapha kuleli altare kulokhu kusa, izimpilo ezehlukaniselwe kuNkulunkulu. Babusise, Baba. Siyakhuleka ukuthi Uzobavumela baphile ukuba babe ngabajabule, zonke izinsuku zokuphila kwabo, ukuPhila okuPhakade ezweni elizayo. Kwangathi bangakhuliswa ekuyaleni kukaNkulunkulu, ekhaya lamaKristu.

Manje, ngomyalo kaJesu Kristu, unikezwe isibonelo kubefundisi baKhe, ukuthi bafanele balandele njengoba Akwenza, ngibathula kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Le phansi ezweni lemisebe yelanga eGeorgia, lengane yalethwa lapha ngubaba wayo oyithandayo nomama wayo, ukuba inikelwe kuWe kulokhu kusa okuyisikhumbuzo. Ngumklomelo womusa waKho emndenini wabo. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobusisa uRenee omncane, umama wakhe nobaba. Futhi baveza ukholo lwabo kuWe, ngokuletha umntwana, bafuna izibusiso zaKho phezu kwakhe. Futhi kwangathi angaphila futhi abe ngoqinile, umKristu ojabule, zonke izinsuku zokuphila kwakhe; futhi abe nokuPhila okuPhakade ezinsukwini ezizayo, ezweni elizayo. Siphe khona, Baba. Njengoba Uphakamise izinto ezincane ezimnene, njengalaba bantwana namhlanje ekuseni, ngezingalo zaKho uqobo, imindeni iveze ukukholwa kwayo kuWe, ngokuziletha ezincekwini zaKho. Futhi siyambusisa uRenee omncane futhi

simnika Wena; esuka ezingalweni zabazali bakhe, eya kuWe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi Ungambusisa. Amen.

Busiswa, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, Renee.

Ake nje sicule ivesi elincane lalelo.

> Bangenisen', bangenisen',
> Bangenisen' besuka emasimini esono;
> Bangenisen', bangenisen',
> Lethani abancinyane kuJesu.

29 O, bengingathanda kanjani ukuma emgqeni futhi ngikhulume ngamunye ngamunye wabo abafo abancane, kodwa nje ngingothatha kancane, empeleni, nabantu bamile. UMfowethu Wood ungitshelile namhlanje ekuseni, uthe iqolo lakhe belibuhlungu, ngenxa yokuma. Anazi ukuthi ngikuthakasela kanjani ukuma kwenu nokulinda! Futhi nje ngizoshesha ngomlayezo, ngokunokwenzeka. Futhi lalelisisani.

30 Angizange ngibe nesikhathi sokulungiselela lenkonzo yasekuseni, noma lomlayezo kulokhu kusa, umzuzwana nje. Ngicoshe indikimba nento ethize ebihlukile.

31 Futhi ngePhasika eledlule ngashumayela ngendaba ethi: "*Ephila*, Wangithanda. *Efa*, Wangisindisa. *Embelwa*, Wathwala izono zami zaya kude. *Ekuva*, Walungisisisa ngesihle phakade. Ngolunye usuku U*Yeza*, o, usuku oluyigugu!"

Futhi khona-ke ngalokhu ukusa sishumayele ngendaba ethi: *Ngiyazi*.

32 Futhi manje, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukufunda esahlukweni sikaMarku oNgcwele. Futhi khulekani nami manje.

33 Futhi ngokushesha emva kwalokhu kuzoba inkonzo yokuphulukisa. Bese kuthi-ke emva kwenkonzo yokuphulukisa kuzoba inkonzo yokumbhaphathizo. Bese kuthi-ke izinkonzo zizoba sebusuku ligamenxe elesikhombisa.

34 Manje uMarku 16.

> *Seledlulile isabatha, oMariya Magdalena, . . . uMariya unina ka*Jesu*, noSalome, baletha amakha, ukuba beze bamgcobe.*
>
> *. . . kuseni kakhulu ngosuku lokuqala lweviki, beza ethuneni ekuphumeni kwelanga.*
>
> *Bakhuluma bodwa bathi, Ngubani oyakusigingqela itshe lisuke emnyango wethuna na?*
>
> *Bathi ukubheka, babona ukuthi itshe seligingqiwe: ngokuba lalilikhulu kakhulu.*
>
> *Kuthe bengena ethuneni, babona insizwa ihlezi ngakwesokunene, yembethe ingubo ende emhlophe; bethuka.*

*Kepha bathi kubo*. . .*Kepha* yathi *kubo, Ningesabi*: *Nifuna uJesu waseNazaretha, obebethelwe esiphambanweni: uvukile; kakho lapha: bhekani nansi indawo lapho bebembeke khona.*

*Kodwa hambani, futhi nitshele abafundi bakhe kanye noPetru ukuthi uyanandulela ukuya eGalile: uzakumbona lapho, njengalokhu eshilo kini.*

*Base bephuma, babaleka ethuneni; ngokuba babefikelwe ngukuthuthumela nokumangala: kabashongo-lutho kumuntu; ngokuba babesaba.*

*Manje uJesu esevukile kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala* ku*Mariya Magdalena, ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.*

*Yena wahamba wababikela labo ababenaye, lapho e*. . .*besalila bekhala.*

35 Niyabo, babesezaleni, futhi.

*Kwathi bona, sebezwile ukuthi uyaphila, nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.*

36 Awaqondakali kanjani amaZwi kaNkulunkulu!

*Emva kwalokho wabonakala kwesi*. . .*ngesinye isimo kwababili kubo, behamba, beya emaphandleni.*

Ngenkathi. . .futhi *bahamba babikela abanye: nalabo abaze bakholwa.*

*Ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngenhliziyo*. . .*ngo—ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.*

*Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke,*. . . *nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*

*Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;*. . . *ngakholwayo uyakulahlwa.*

*Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami* baya*kukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Baphathe izinyoka;*. . .*uma bephuza okubulalayo, akusoze kwabanangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo,*. . . *basinde.*

*Njalo-ke iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.*

*Kepha bona baphuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.*

37 Ngithanda ukuthatha indikimba emagameni amabili: *Hambani, Nitshele.*

38 Uyazi, akukwenzeli okuhle kakhulu ukuhamba uma ungenayo into ethize ukuba uyixoxe. Ngicabanga ukuthi lokho kube yinkathazo eningi yanamhlanje. Siyahamba sikusho, siyahamba kodwa ayikho into ukuba siyisho, akukho lutho olwanoma yiyiphi inzuzo, akukho lutho olungasiza abantu.

39 Kodwa uma sizolandela imiyalo njengalaba bafundi abathola umyalo, sinomyalo ofanayo, "Hambani, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngivukile kwabafileyo." Hambani, nikusho!

40 Khona-ke Uthi, "Hambani, nikushumayele, futhi nikhombise lezi zibonakaliso ukuthi Ngiyaphila ngivela ekufeni." Umlayezo onje pho! "Hambani, nitshele, futhi hambani, nikhombise abafundi baMi lezizinto enizibonile, ukuthi aNgifile, kodwa ngivukile ekufeni."

41 EMlayezweni wasekuseni kulokhu kusa, sithole ukuthi sonke ngamunye sinomloshana, induduma yezinkathazo neziviviny0 esihlezi chwi phezu kwazo, ngesinye isikhathi, silindele induduzo. Sithole ukuthi ukhokho omkhulu uJobe wathola umbono, ngoba babengakaze babe nePhasika nokho, kodwa wabona iminyaka eyizinkulungwane ezine ukuqhela kulokhu kusa. Wabona iminyaka eyizinkulungwane ezine ukuqhela, iPhasika, futhi wamemeza kakhulu, osizini lwakhe, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila! Izinsuku zokugcina, Uyakuma emhlabeni. Nakuba ngemuva kokuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu."

42 Manje, emva kwePhasika, sithola ukuthi uNkulunkulu wanikeza umuntu umyalo, "Hambani, nitshele! Futhi uma usho, *lokhu* kuzokulandela. Hambani futhi nitshele!"

43 Manje, akusizi ngalutho, njengoba ngishilo, ukuhamba, ukuhamba, ngaphandle uma kukhona into ozoyisho. Futhi uma unomyalezo oyiphutha ukuba uwusho, khona-ke akuzoze kwasiza ngalutho. Uzofanele usho ukuthi yini imfihlo.

44 Ngesinye isikhathi esedlule ngangifunda encwadini, ngomfanyana owaye...ngenele umqhudelwano. Futhi kulo mqhudelwano wadingeka azenzele igama elidumile, noma yimuphi umfanyana ozogcina igama lokuvunyelwa ukwedlula emqondweni wakhe aze afike endaweni ethize. Futhi wayeyodingeka akhulume leligama lokuvunyelwa ukwedlula, nomgcinisango wayezomvumela edlule. Lokho kwakunguhlola i-IQ ukukhalipha kokwazi ukwahlukanisa komntwana. Futhi lapho efika endaweni, ukukhuluma amazwi okuvunyelwa wedlule elanikezwa yena, isango laliyovuleka futhi wayezozuza udumo olukhulu.

45 Omunye umfanyana, engononyawo olushesha kakhulu impela, futhi wayazi kahle nakakhulu ukuthi wayengabedlula bonke abafana emncintiswaneni, noma wacabanga ukuthi wayengakwenza. Wayezilolonga usuku nosuku, ukugijima. Ukuthi wayewaphampa kanjani amaphaphu akhe amancane, walungisa umzimba wakhe, ukuze engezukukhathala lapho esegijima. Futhi wazilolonga ukuthi angaqala kanjani ngezinyawo zakhe, futhi athole ikhanda lithe phulukundlu ngaphambi kwabo bonke abanye abafana. Futhi kanjani ukuthi, ufanele aphefumule ngesikhathi sakhe sokugijima, ukuze azobamba umoyampilo oze emzimbeni wakhe, ukuze umgcine ephampa, ukuthi ngeke wanensisa inhliziyo yakhe kakhulu. Wakufunda kuwo onke amacala ayengakwenza.

46 Futhi ekuseni ngokusa umncintiswano owaqala ngabo, kwakukhona abangaphezu kwekhulu namashumi amahlanu abafanyana belayinile, onyakeni othize. Lomfanyana wayengumfana ongusayizi okahle, wobudala bakhe. Futhi wakhumbula konke ukuziqeqesha kwakhe. Futhi wayeselungele. Bangena emgqeni, babeka ubuso babo obuncane e—entanjeni eyayiza ngakubo, babeka amakhala abo amancane phezulu ngakuyo. Wayefunde yonke imithetho yalokho, ezilungiselela.

47 Futhi khona-ke lapho isibhamu sesidubulile, futhi intambo yagqashulwa, abafanyana bagxuma baya phambili. Futhi lomfo omncane engofanelekile kahle waze wagxumela kude le kunabo bonke abanye. Futhi wehla ngendlela ngesivinini esesabekayo, eqeqesheke kahle, kwaze kwaba wayenga, edlule bonke abafana ababesemqhudelwaneni. Futhi wayelapho, o, isikhathi eside impela, mhlawumbe umzuzu noma ngaphezulu, ngaphambi kokuba abanye abagijimi ababedlula bonke bake baze bafinyelele endaweni.

48 Kodwa, konke ukuqeqesha kwakhe ngokomzimba, wayeselikhohliwe igama lokuvunyelwa wedlule. Wayeseyikhohliwe yona kanye into ayefanele ayisho, ukuze imngenise esangweni. Futhi wayeya emuva naphambili, futhi wacabanga futhi wahlolisisa engqondweni yakhe. Wayekhathalalele kakhulu okwemvelo, izimo zemvelo zokwenyama zomzimba wakhe, waze wakhohlwa yinto enkulu. Ngokuqhubeka, phansi emgqeni, abanye abafana abangazange bagijime ngokushesha kakhulu, balikhumbula igama lokuvunyelwa wedlule, futhi bangena.

49 Kunjalo nanamhlanje! Sikhathalele kakhulu ukwakha amathempeli amakhulu, namasonto nezakhiwo, nokunye nokunye, futhi sikhathalele kakhulu ekugcineni amabandla ethu elungiswe kahle, nezakhiwo ezinhle nezihlalo ezisasikhumba zevukuzi nama-ogani amahle. Abafundisi bethu beqeqeshwe kahle kakhulu e. . .BanoDokotela DL., iPh.D., iLL.D. iziqu, kodwa sikukhohliwe esikugijimelayo. Leyo yinkinga. “Hambani,

nitshele abafundi bami ukuthi Ngivukile kwabafileyo futhi Ngizohlangana nabo eGalile." Sikhohliwe yigama elingumanka. Kade sibhizi kakhulu ngezinye izinto, senza amasonto amakhulu, sakha amahlelo amakhulu, saze sakhohlwa yigama elingumanka.

50 Izimpilo eziningi zisindisiwe ngenxa yokulungiselela izehlakalo ezizayo. Ngesinye isikhathi esedlule, ngatshelwa ukuthi eFlorida, indoda yezindaba, abezimo zezulu, bathumela ukusakazwa kwezindaba ukuthi kwakukhona isiphepho esikhulu esizayo. Futhi enye indoda yayingumfuyi wezinkukhu, futhi yaya kumakhelwane wayo futhi yamtshela ukuthi isiphepho sasiza. Akanakanga, futhi wathi, "Umbhedo!" Futhi nje waqhubeka. Akazange azibeke phezulu izinkukhu zakhe. Akazange aye emgodini wokucasha. Akazange enze amalungiselelo. Futhi umakhelwane wakhe wenza amalungiselelo. Kodwa, o, lowo ongasithathanga isexwayiso, zonke izinkukhu zakhe zaphephuka futhi zafa, indlu yakhe yadilizelwa phansi, isitokwe sakhe salahleka, wathunyelwa esibhedlela. Konke ngoba akathathanga ukunaka nesexwayiso! Wayazi ukuthi umlayezo wawunikeziwe, kodwa wehluleka ukunaka umlayezo.

51 Yileyondlela okuza ngayo namhlanje, ngabantu bethu abaningi, ngamabandla ethu amaningi. Siyazi ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Siyazi ukuthi iBhayibheli liyafundisa, uJesu washo, kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, nakuba, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza; imisebenzi emikhulu kunalo uyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba." Manje besikhathalele ezinye izinto, singangathathi isixwayiso, singanaki. Sigijimile, kodwa asinakanga uMlayezo. Sihambile, kodwa asangazi ukuthi sisho ini uma sifika lapho.

52 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule lapho amabandla alo mhlaba, ngenkathi amabandla amaKristu lalethwa emahlonini nehlazo, lapho umhlonishwa nodumile nenceku emesabayo uNkulunkulu, uBilly Graham, walethwa ubuso nobuso neBhayibheli. Wayegijimile, kodwa wayewukhohliwe uMlayezo; ngenkathi lowo kaMohamede wema ebusweni bakhe ngqo futhi wamtshela, "Uma leli kuyiZwi likaNkulunkulu, asikubone uLibonakalisa." Wayegijime kahle, izimvuselelo ezinkulu, izinto ezinkulu. Kodwa, lapho kufika endaweni, wayengenawo uMlayezo.

53 "Ngivukile kwabafileyo. Nginguye izolo, namuhla, naphakade." Ukugijima ngokomzimba, amabandla amahle, amalunga amaningi, amahlelo amakhulu, kodwa lokho akusilo inothi eligqamile. Qhaphela ukuthi kulandelani, "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ukuhamba, kodwa ungazi ukuthi uzothini.

54 UNkulunkulu akakaze athumele umuntu ngaphandle kokuba Amnike okuthile ukuba akusho. UNkulunkulu njalo uyaliqinisekisa iZwi laKhe.

55 Ukuhamba, kodwa ungakwazi ukusho uma ufika lapho. Kungakhathaleki ukuthi izimvuselelo zakho zinkulu kanganani, ukuthi ibandla lakho likhulu kangakanani, noma ukuthi ihlelo lakho liwadlula ngobuningi kangakanani amanye, uma ungenayo into ozobatshela yona, yini onayo kodwa isixuku sabantu sihlangene ndawonye njengedlangala na?

56 SinoMlayezo ukuba siwutshele umhlaba, "UJesu uyaphila! Akafile!" Ukunaka uMlayezo!

57 Kulesi sizwe esikhulu esisibongayo manje, i-United States yaseMelika, kuzo zonke izinxushunxushu zayo, kuzo zonke izinhlamba zayo, wonke amaphuzu ayo amabi, noma kunjalo iyisizwe esikhulu kunazo zonke emhlabeni, futhi ekuqaleni (ngoba) yahlelwa kahle. Ayizange ithwale uMlayezo.

58 Eminyakeni eminingi edlule, ngenkathi yayisebunganeni bayo, indaba iyafika engqondweni yami, ukuthi iBrithani yayizothatha inhlanganisela yamazwe yalesisizwe. Futhi kube khona iqembu lamadoda azihlanganise ndawonye futhi yayisemsebenzini, eqaphele. Futhi kwakunehhashi limile lihintshelwe, futhi umgibeli elungele ukuligibela nanganoma yimuphi umzuzu. Into yokuqala ayitholayo kwakuyisibonakaliso sokuthi iBrithani yayiza, futhi wagxamalazela ihhashi lakhe. Kwakuyomenzela buhle buni ukusindisa ihhashi lakhe na? Kwakuyomenzela buhle buni ukushaya ihhashi nokuzama ukwenza indlela yakhe ukusuka kulelobandla kuya eBoston, kwakuyomenzela buhle buni ukuba wayengenawo umlayezo ukutshela abantu na? Babeyokwazi kanjani ukuzilungiselela na?

59 OPaul Revere bethu besimodeni ugijime kahle, kodwa, bayagijima nje, akukho Mlayezo. Ihora lilapha, inhlekelele ikhona! Izwe selisekugcineni! Amabandla asehlangene novuthondaba lawo. Izizwe sihlangene novuthondaba lwazo. Impilo yomuntu isihlangene novuthondaba lwayo. Isayensi isihlangene novuthondaba lwayo. Sihlelile futhi senza amabandla amakhulu, sapholisha abashumayeli bethu futhi sabahlela ndawonye ngokomzimba, ukuthi bayazi ukuthi bangazisebenzisa kanjani izenzo zabo nezandiso, no—nonkamisa bonke babo, nayo yonke into kahle nje, nenjulamqondo, ukuxhumana nabantu. Kodwa lokho akusikho lokho uJesu akusho!

60 "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma inyoka ebulalayo ingabaluma, ngeke ibalimaze. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Izwe lidinga isithunywa

esinoMlayezo, ukuba sisho okuthize, futhi sazi ukuthi uMlayezo uvela kuphi nokuthi Uvela kuBani.

61 UPaul Revere, lapho egibela ihhashi lakhe, indoda eyiqhawe, indoda esemlandweni inqobo nje uma kukhona isizwe ukuba ibe ngumlando waso. Yenza lokho kugibela okudumile ezitebhisini zasesontweni, nomyalezo owethusa wonke umuntu, kusukela kompofu kunabo bonke kuya kocebe kunabo bonke, kusukela kumlimi kuya kusomabhizinisi, "IBrithani ayeza!" Futhi amasosha avolontiyayo noma ngasiphi isikhathi azilungiselela ukuhlasela. Futhi lesi sizwe esikhulu sasindiswa.

62 Uma lelifa likaNkulunkulu, uma lokhu, abantu uNkulunkulu abafela, uma leliBandla elibizwa ngeGama laKhe, liyoke lisindiswe, sifanele sibe nesithunywa esinoMlayezo ovela esiHlalweni sobukhosi, ukuhlangabezana nenselele yalolusuku. Kukhona uGoliyathi, kodwa uNkulunkulu ngokuqinisekile uzoba noDavide ndawondawo. Kufanele sihlangabezane nokuxhumana. Sifanele sibe ne . . . Sifanele sibe noMlayezo.

63 Siyahamba, singenalutho ukulusho. Kuyakufakazisa, uma sifika endaweni lapho isizwe noma abantu abaphika uJesu Kristu ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi umile ebusweni babefundisi bethu abanenselelo kakhulu banamhlanje. Futhi khona-ke enhlanganweni yethu yebandla enkulu, uthola amanye amaKhomanisi angamashumi amathathu epakisha amaphepha iminyaka engamashumi amabili noma engamashumi amathathu, ukuthi angamalunga eqembu lamaKhomanisi, emabandleni ethu abumbene. Singenzani na? Kukhombisa ukuthi bagijime ngaphandle koMlayezo; bethengisa ngabo impela ubuzibulo besizwe, bethengisa ngobuzibulo obejwayelekile beBandla.

64 Konke sekufike kwelamanqamu. Sekufike endaweni ukuthi iBandla elincane elikholwe uMlayezo, futhi lama ngezinyawo zombili, namehlo alo emaphakathi nesiPhambano, enhliziyweni yalo ukuvuka kukaJesu Kristu, okuvuthayo! Sekufike endaweni lapho izizwe zidingeke ziKuqonde. Kuya kwelamanqamu. Akumangalisi ukuthi amabandla . . . Uma uMkhandlu wamaBandla, kuyikhekheba lezinyosi kakhulu nobuKhomanisi, akumangalisi ukuthi bangeke bakholelwe kokungaphezu kwemvelo. Akumangalisi bengakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu; abanaMlayezo enhliziyweni yabo, kungakhathaleki ukuthi bagijima kanzima kanjani.

65 Uma uMoya oNgcwele ungena enhliziyweni yomuntu, uzokholwa ukuthi uJesu uKristu uvusiwe kwabafileyo, futhi Uyaphila kuye, ukwenza, futhi uzokwenza intando leyo Azela ukuyenza; intando, intando kaNkulunkulu empilweni yomuntu.

66 Kodwa, inkathazo, siyagijima, sihamba ngaphandle koMlayezo. Sihamba ngesayense yezenkolo. Sihamba ngohlobo oluthize lokuhumusha kwebandla imiBhalo.

67 Simele ukuhamba novuko! "Hambani, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngizohlela ibandla elisha"? Qhabo, mnumzane! "Hambani, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngivukile kwabafileyo, njengoba Ngasho ukuthi Ngiyovuka." Lowo nguMlayezo eBandleni kulokhu kusa, ukuthi, uJesu akafile. Uyaphila, futhi nje emkhulu futhi enamandla namhlanje njengoba Wayehlale enjalo.

68 Sibe nemilayezo eminingi yezixwayiso, ukuba sizilungiselele, uPaul Revere namanye amadoda amakhulu, nezimpi ezinkulu neziphepho, nezinto.

69 Khona-ke, uNkulunkulu uthumela uMlayezo wenduduzo, futhi. Lona kwakunguMlayezo wenduduzo.

70 Esikhathini esithize esedlule, ngenkathi babenezigqila eNingizimu, amaBhunu aziletha, ngapheshey a zivela eNingizimu Afrika, abomdabu, esikubiza kanjalo namhlanje, indoda eyikhaladi. Futhi bawawelisela ngapha futhi bawathengisela amaMelikana eNingizimu, ukwenza izigqila ngawo.

71 Izibhelu ezinkulu ngakho e-Afrika namhlanje, ukusoconga, nokunye nokunye, kuqhubeka. Balwela inkululeko yabo. Banelungelo lokuyilwela. UNkulunkulu wenza umuntu; umuntu wenza izigqila. Kwakungahlosiwe neze.

72 Eminyakeni embalwa edlule, ngangisendlini enkulu yezemidlalo, noma imnyuziyemu enkulu, njalo. Ngangihambahamba, ngibuka izithombe ezahlukene nezinto, ngoba mina ngiyakwazisa ubuciko. Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu usebucikweni. Futhi ngenyuka, futhi ngaqaphela ukuthi kwakukhona indoda endala eyiNigro, yayisikhule ngempela, iqhothile emahlombe ayo, nje indilingana yezinwele ngemuva kwekhanda layo. Yayifake isigqoko sayo. Futhi yayihambahamba, futhi into ethize nga*leyo*ndlela, iqalaza, njengokungathi yayibhekisisa noma ifuna into ethize emnyuziyemu. Ngama emuva futhi ngayibhekisisa isikhashana.

73 Futhi emva kwesikhashana ifika ebhokisini elithize elincane lapho. Futhi yabuka phakathi kulo, futhi yethuka, futhi amehlo ayo abhanyaza. Yagxumela emuva isuka ebhokisini umzuzu, yakhumula isigqoko sayo esiqinile, yasibamba ngesandla sayo. Futhi ngayibhekisisa. Futhi lapho omdala onsundu ekhothamisa ikhanda lakhe, izinyembezi ziqala ukuqathaka ezinhlathini zakhe. Futhi ngimbhekisisa ngokumangala, isikhashanyana impela.

74 Khona-ke ngacabanga, "Ngizothola ukuthi yini le umfo omdala eyayimxhuxhumisile." Ngahamba ngasondela ngaku*lolu*hlangothi, futhi kwakubukeka kimi njengengubo yokugqoka lapho.

75 Futhi ngayibuka imile lapho. Futhi ngahamba nganqamula, ngathi, "Unjani, malume?"

Futhi yathi, "Unjani, mnumzane."

76 Futhi ngathi, "Ngingumfundisi. Ngimangele ukukubona unikela ngomkhuleko kulendawo." Ngathi, "Ngizokholwa ukuthi ungumKristu."

Yathi, "Nginguye, mnumzane."

Futhi ngathi, "Yini ekuxhuxhumise kakhulu kangaka na?"

77 Yathi, "Woza lapha." Futhi ngahamba nomfo omdala, ngaleya. Wathi, "Uyayibona leyo ngubo yokugqoka na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Yathi, "Uyalibona lelo bala lapho na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Yathi, "Beka isandla sakho ohlangothini lwami."

Ngathi, "Iyini leyo ndawo emahhadlahhadla na?"

78 Yathi, "Ibhande lobugqila lalihamba lapho, ngelinye ilanga. Futhi *lokho* yigazi lika-Abraham Lincoln." Yathi, "Igazi lakhe lasusa ibhande lobugqila kimi." Yathi, "Lokho kungekuxhuxhumise, nawe na?"

79 Ngama lapho ngimangele. Ngacabanga, "Uma igazi lika-Abrahama Lincoln laliyoxhuxhumisa—xhuxhumisa isigqila, ngokususa ibhande lobugqila kuso, belifanele ukwenzani iGazi likaJesu Kristu kubantu abanjengoRosella lapha, lowo owayeyisigqila sophuzo; kimi, ofayo, olusizi ohluphekayo na?" Wasusa ibhande lobugqila lesono enhliziyweni yami. Kwakungafanele yini kuxhuxhumise indoda na? Kwakungafanele yini kuyenze izizwe ngokwehlukile na? Kwakungafanele yini kuyenze ihloniphe ngokuzithoba lapho icabanga ngakho na? Ungeke wasibona isihlahla ngaphandle kokukhothamisa ikhanda lakho, kanzima, wazi ukuthi uJesu wahlenga impilo yakho kulowo Muthi.

80 Njengoba siqhubeka umzuzwana, ngezigqila, nomcabango wethu. Kwakukhona isimemezelo, iNkululeko yesiMemezelo, esasayinwa, futhi izigqila zazizokhululeka ngosuku oluthize. Wena awazi, o, uma bewu, ngakaze uhlangane noKristu, awusoze wazi ukuthi kusho ukuthini kulezozigqila. Ngenkathi kwakuhambile, umyalezo ezweni lonke, ukuthi, "Uzokhululeka ngosuku okuluthize-thize, emini. Uzokhululeka. Awuzukudingeka ukuba uphinde ugqoke amabhande obugqila, kanjalo futhi awusophinde uthole noma yikuphi ukubhaxabulwa. Kodwa ukhululekile, futhi uyisakhamuzi sale-United States enkulu. Awusesiso nhlobo isigqila, emva kwemini ngokusa okuthize-thize." O, ngoku, ukulindela okukhulu, balinda.

81 Uma isoni besingabona lokho kuphela! Uma isoni besiyokuzwa kuphela iVangeli leqiniso! Kungesikho ukujoyina okunjengokwebandla; kodwa ukushumayela iVangeli, ukuthi

ungakwazi ukukhululeka esonweni, ukuthi ungakhululwa ekuguleni kwakho. "Ngesikhathi esithize-thize," yilesosikhathi okholwa ngaso.

82 Niyazi, lezo zigqila zazixhuxhuma kakhulu futhi ngaphansi kwalokho kulindela, zilindele ihora eziyokhululeka ngalo, baze, bangitshela, ukuthi zabuthanela phansi kwegquma, omama nabantwana abancane, bonke babuthana, futhi abanye babadala. Futhi bakhuphukela phezulu kwegquma, nxazonke, phakathi kobusuku. Babazi uma usuku luqala futhi ilanga liphuma, ukuthi bayokhululeka. Ngeke kuthathe ngaphezu komzuzu nengxenye ukukhanyisa ilanga kusukela phezulu kwegquma, kodwa abanye babo babephezulu echophweni legquma, bebhekisisa, bebhekisisa. "O, uma ilanga liphuma, sikhululekile." Lokho kwakuyin-d-o-d-a-n-a . . . noma, il-a-n-g-a.

83 Kodwa uma iN-d-o-d-a-n-a ivuka ngolunye lwalezi zinsuku! Futhi uma iN-d-o-d-a-n-a yavuka eminyakeni eminye engamakhulu ayisishumi nesishiyagalolunye edlule, Wephula lonke ibhande lobugqila, Wakhulula bonke abathunjiweyo, Waphulukisa zonke izifo, Wanikeza inkululeko kulabo abasekuboshweni. Besifanele kanjani ukugibela futhi siqaphele!

84 Futhi lapho ilanga likhuphuka, kuqala, indoda eyayikokuphakeme kunakho konke, yakubona, futhi, yamemeza kakhulu phansi endodeni elandelayo, "Sikhululekile!" Futhi indoda elandelayo yamemeza endodeni eqhelile phansi egqumeni, "Sikhululekile!" Kuze kufike ekamu, "Sikhululekile!" Ngokuba, ilanga laliphuma, babelindile, belindile, belindele lelohora.

85 Besifanele siyilindele kakhulu kangakanani, namhlanje, iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu. Sikhululekile esonweni. Sikhululekile emaketangweni. Sikhululekile emikhubeni emibi. Sikhululekile ekubhemeni, ekuphuzeni, ekuxokozeleni, ngoba iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu ivukile ethuneni futhi yaphula zonke izibopho. Konke ukulahlwa sekuphelile! Isikweletu sesikhokhiwe. Inhlawulo isikhokhiwe. Izono zigeziwe zasuka, futhi sikhululekile. O, sikhululekile, bantu! Ubugqila? Inkululeko, lapho iNdodana kaNkulunkulu ivuka nokuphulukisa emaphikweni aYo!

86 Ngelinye ilanga Iyosukuma esiHlalweni sobukhosi, ibuyele emhlabeni. Futhi khona-ke siyoba ngabakhululekile kubo bonke ubuhlungu nakho konke ukulingwa, sikhululwe emijunjwini engayikufa futhi noma yini ehamba nokuphila okungafi, ukuhlala naYo phakade. Siyokhululeka. "Hambani, nitshele," yileyonto ukuyenza.

87 Ngesikhathi seBhayibheli, kwakukhona unyaka wejubili ofikayo. Abantu ababethengisiwe ngenxa yezikweletu

ababezikweleta. Babekweleta isikweletu futhi babengeke basikhokhe, ngakho babehamba futhi bazithengise bona kubantu, ukuba babe yizigqila. Futhi babefanele babe yisigqila sabo, isigqila sabo, yonke impilo yabo. Kodwa, njalo ngokuvamisile, kufika usuku lomusa, olwalwaziwa ngokuthi unyaka wejubili. Futhi uma unyaka wejubili usufikile, khona-ke kwakuphuma umpristi futhi wayesebetha icilongo. Futhi lelocilongo laliqondiswe kuso sonke isigqila, kungakhathaleki ukuthi sekube yisikhathi eside kangakanani kade ekhonza nokuthi kusekude kangakanani ukudingeka akhonze, uma lelocilongo selikhalile, lesosigqila sasikhululwa. Sasingalibeka phansi igeja futhi siye ekhaya ebantwaneni baso. Sasingasadingeki ukuba siphinde sisebenze, ngoba sasikhululekile uma ijubili izwakele. Lelocilongo lalinganikezi umsindo ongaqondakaliyo, kodwa lanikeza umsindo oqondakalayo. Futhi umuntu wayengabeka phansi ithuluzi lakhe, aye ekhaya ekhululekile ebugqilini.

88 Kulokhu kusa, iBhayibheli lathi, "Futhi uma icilongo likhala ngokungaqondakaliyo, ngubani ozokwazi ukuthi enzeni na?" Uma iBhayibheli lishumayele ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo, Unguye izolo, namuhla naphakade, futhi amacilongo esiwezwayo ekhala namhlanje ethi, "izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into engukuphulukisa ngokukaNkulunkulu," ngubani ozokwazi ukuthi bazilungiselele kanjani na?

89 Esikudingayo namhlanje izithunywa ezigcotshiwe ezivela kuNkulunkulu! "Uvukile kwabafileyo! Unguye izolo, namuhla, naphakade!" Lowo nguMlayezo wosuku.

90 O, kube nemilayezo emikhulu, kodwa iPhasika liyimboze yonke! Imilayezo emikhulu; iPhasika laliyikho konke! Lapho ukufa, kwenziwa ukulungiselela, lokho; isitha sokugcina. Sasikubonile ukugula kuphulukiswa eTestamenteni eliDala. Sizibonile izibonakaliso ezenziwa eTestamente eliDala. Kwakukhona imibono efika eTestamente eliDala. Kodwa wonke umuntu waya ngqo ethuneni, emangala ukuthi uyoke aphinde avuke futhi. Kodwa ngokusa kwePhasika, ngenkathi laba bafundi bethola uMlayezo omkhulu kunayo yonke ukuthi noma yimuphi umuntu ayoke awuthole, batholani na? "Hambani, nitshele abafundi bami, ngivukile kwabafileyo!" Ukufa kwanqotshwa!

91 Akuzange kube khona muntu emhlabeni, akukho mprofethi, akekho umuntu omkhulu, akukho muntu ongcwele ongake anqobe. Babengakunqoba ukugula ngoMoya kaNkulunkulu. Babenganqoba isikhathi, ngoMoya kaNkulunkulu, futhi babone ngaphambili izinto ezaziza. Babenganqoba lokho. Kodwa kwakungekho muntu lapho owayegcotshwe ngogcobo olunjalo oluvela kuNkulunkulu, owayengenza lenkulumombiko, "Ngingabeka phansi ukuphila kwaMi, Ngizokuvusa

futhi. Dilizani lomzimba, Ngizowuvusa ngosuku lwesithathu." Kwakungakaze kube khona umuntu owayengenza inkulumombiko enjalo. Futhi kwakumangaza ezinhliziyweni zabo, ukuthi lokhu bekungaba iqiniso noma qha.

92 Kodwa ekuseni ngePhasika, bathola uMlayezo, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayela iVangeli kuso sonke isidalwa. Ngivukile kwabafileyo. Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwayo uyakulahlwa. Futhi lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama lami bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka noma baphuze izinto ezibulalayo, akuyi kubalimaza; uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." *Umlayezo WePhasika*, ungomunye wemilayezo evelele kakhulu okhona. Ukufa kunqotshiwe!

93 Sicabanga ngomnqobi. UNapoleon, eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, wayenqobe izwe. Wanqoba izwe, wabhaxabula sonke isizwe esasizofanele sibhaxabulwe. Futhi wadumala kakhulu ngoba kwakungekho-muntu omunye ukuba alwe naye, wahlala phansi futhi wakhala. Kwakungekho-muntu omunye ukuba alwe naye, kodwa wadlala imithetho yomdlalo ngokungafanele. Amashumi ezinkulungwane onondindwa alandela umbutho wakhe, futhi wahamba nesibhamu nenkemba. Eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, wayenqobe umhlaba. Kodwa wake waba ngonqabelayo, futhi wafa engophuza ngokweqile, ngoba wayedlale imithetho yomdlalo ngokungafanele. Wayewukhohliwe umlayezo. Wayenqobile, kodwa wayewukhohliwe umlayezo. Wahamba, kodwa wakhohlwa ukuthi wayehambela ini.

94 Njengomfanyana owagijima emncintiswaneni, njengebandla ligijima namhlanje, njengabantu abagijimayo, njengesizwe sigijima! Isiphephelo sethu akusiwo amabhomu e-atomu, isiphephelo sethu nguJesu Kristu nokuvuka kwaKhe.

95 UNapoleon wayekhohlwe into esemqoka. Kwenzekani kuye na? Wafa engohlulwe isiqothu, umadakeni. Kungani na? Akazange adlale umdlalo kahle, nakuba wayenqobe umhlaba, ngokuphathekayo. Wayelungiselele ibutho. Wayeyisihlakaniphi sezempi, wathatha zonke izizwe futhi wenza izinto (ukuthi yena) ukuthi akekho omunye umuntu owake wakwenza noma oyoke akwenze, njengaye, kodwa wayekhohlwe ukuthi umlayezo wangempela wawuyini. Wayethathile, futhi enamandla akhe ezempi, kodwa wakhohlwa amandla eNkosi.

96 Amandla eNkosi ayinduduzo yethu. Asinawo amanye amandla. Asikho esinye isiphephelo enginaso, asikho! Nkulunkulu yiba nomusa! Thatha ukuphila kwami, kodwa ungangivumeli ngikhohlwe lapho amandla ami evelakhona.

Avela, eNkosini! Angifuni izinto ezinhle zomhlaba. Ngifuna uJesu, ngifuna uvuko lwaKhe luvutha empilweni yami.

97 Kwakwehluke kanjani lokho kuJesu Kristu enamashumi amathathu nantathu! Eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, uJesu wayenakho konke; Wenza umhlaba. Futhi Wayesezweni, futhi izwe aliMazanga. Akazange aZenzele udumo. Akazange ahlanganise indoda yempi. Akazange ahlele noma yimaphi amabandla. Akazange azenzele amagama amakhulu ngesingaYe. Akazange nhlobo eze ngaphambili nanoma yiziphi iziqu zemfundiso, isayense yezenkolo, nokunye nokunye, akukaze kube nerekhodi laKhe eya kunoma yisiphi isikole sesayense yezenkolo. Kodwa WayenoNkulunkulu. WayenoNkulunkulu. Futhi eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, Wayenqobe onke amademoni ayenamathele, ikhanda lakhe liphuma esihogweni. Wanqoba ukugula. Wanqoba izinkolelo-ze. Wanqoba odeveli. Wayenqobe ukufa. Futhi ngenkathi Efa esiPhambanweni, Wehlela emgodini ongenamkhawulo wesihogo, futhi wanqoba isihogo.

98 Futhi ekuseni ngePhasika, Wanqoba ithuna. Ngani na? Wayedlale imithetho yomdlalo ngokufanele, egijima noMlayezo. Wayenguye, Wahamba! "Hambani." UNkulunkulu waMthuma, futhi WayenoMlayezo ukuba abatshele. Futhi ngoMlayezo lowo uNkulunkulu aMnika wona, Wanqoba amandla kaSathane. Wanqoba ukugula. Wanqoba ukufa. Wanqoba isihogo. Wanqoba ithuna. Ngani na? Wahamba! "Hambani, nitshele!" "Ngihlale ngenza lokho uBaba waMi aNgikhombise ukuba ngikwenze. Angenzi lutho kepha lokho Angitshele ukuba ngikwenze."

99 Khona-ke ngaphambi kokuba Afe, Washo lokhu, "Njengalokhu uBaba eNgithumile, ngakho-ke Ngiyanithuma." Kungesikho ukwakha abantu ngamandla ezempi; kungesikho ukufaka sonke isikhathi sakho kulowo uzoba nguMengameli. Lokhu kungahle ukuba kubesemqoka, kodwa akubalulekile ku*Lokhu*. Izwe alisekho. SinoMlayezo owodwa, lokho kungukuthi, uJesu Kristu wavuka kwabafileyo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

100 Izolo, endlini yasenkantolo encane, bebezama ukungenza ngisho into ebingalungile. Ngithe, "Angisuye umkhohlisi." Ngathi, "Ngi—ngi—ngithembekile. Futhi angeke usasho okunye futhi kodwa lokho okuyiqiniso."

101 Futhi indoda ethize yayinami, yathi, "Uma umuntu ubengakhuluma nami kanjalo, bekungathi angimjikijele ngencwadi."

102 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Qhabo, lokho akulungile. Leyo akusiyo indlela ukusondela kukho. Akulungile."

103 Wathi, "Awu, kungani ungazazi lezizinto ziqhubeka na? Kungani uphandle lapho wenza lezizinto na?"

Ngathi, "Ngichitha isikhathi sami ngikhonza uJesu Kristu."

104 O Nkulunkulu, o, abantu baphuphuthekile futhi abakuboni! "Njengoba uBaba eNgithumile," uBaba waMthuma, Wahamba. WayenoMlayezo ukutshela abantu. Futhi ehoreni lokufa, Wanqoba ukufa futhi Wanqoba isihogo, futhi Wanqoba ithuna. "Njengoba uBaba eNgithumile noMlayezo, Ngiyanithuma noMlayezo; hhayi ukwakha amabandla, izinhlangano, kepha hambani niye ezweni lonke futhi nibonise aMandla kaMoya oNgcwele. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka." Futhi njengoba imizimba yethu iya ethuneni, njengoba Enza, Wanqoba kokubili ukufa, isihogo, nethuna. UnguMnqobi onamandla.

105 Usithuma noMlayezo waKhe. Asihambe noMlayezo, hamba nento ethize ukuba uyisho. Hambani, nitshele! Hhayi ukuthi gijima bese-ke ungakwazi ukusho; masikuthole kuqala ezinhliziyweni zethu uqobo.

106 Uma wenyukela uzokhulekelwa, kulokhu kusa, ungangeni ngendlela ehlofuhlofuzayo. Woza noMlayezo enhliziyweni yakho, "NgiNguye lowo owayefile, futhi ngiyaphila futhi. NgiNguye onikeza uMlayezo, 'lezizibonakaliso ziyakubalandela labo abakholwayo.' Uma uNkulunkulu uSomandla engathatha e—encane ingane enezingxemu futhi aphendulele ukubona kwayo kokujwayelekile; uNkulunkulu angathatha ingane, i, ingane yomfana ezelwe, engakaze ibone empilweni yayo, futhi eneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ambuyisele ukubona kwamehlo akhe kuye; uNkulunkulu angathatha ozihluphekelayo olusizi womuntu osedliwe ngumdlavuza . . .

107 Futhi ngoba uMlayezo uqinisile, ngoba uNkulunkulu wathumela uMlayezo, ngoba uNkulunkulu wathumela isithunywa, akungabazeki ukuthi zonke izibhamu zesihogo ziyobe zidubula kuye. Kunjalo, uzokhubeka futhi awe, futhi avuke futhi anqekusise ikhanda, futhi aqhubeke. SinoMlayezo, akukho lutho oluzoWumisa! Haleluya! "Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo awayikuLehlula." Bangasho abakufunayo, benze abakufunayo, udeveli angadlanga futhi aklabalase. Kodwa uJesu wavuka kwabafileyo, Uhlala kithi namhlanje!

108 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngikhuluma noDokotela Lamsa omkhulu, owahumusha iBhayibheli kusukela kwisi-Aramu, kuya esiNgisini. Futhi ngibone lolophawu oluncane, uphawu lukaNkulunkulu lapho, namachashazi amathathu amancane kulo. Ngathi, "Dokotela Lamsa, yini leyo na?"

Wathi, "NguNkulunkulu, nezingxenye ezintathu ezingehlukaniseki."

109 Futhi ngathi, "Usho ukuthi, uNkulunkulu uhlala ezikhundleni ezintathu, njengokuthi, uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele na?"

110 Wasukuma futhi wangibuka, izinyembezi ziphuma kulawomehlo eJuda, wathi, "Uyakukholwa lokho, Mfowethu Branham na?"

Ngathi, "Ngakho konke okusenhliziyweni yami."

111 Wangigaxa ngezingalo zakhe, futhi wathi, "Ngamangala lapho ngibone lapho izinto ezinkulu ziqhubeka, nezibonakaliso owawuzenza." Wathi, "Bangitshela ukuthi wawungumprofethi. Angizange ngikukholwe, kuze kube manje. Manje ngiyazi unguye." Wathi, "Yilokho! Lowo nguMlayezo. Lokho yinto ezozamazamisa uMbuso kaNkulunkulu." Yebo. Wathi, "Ngolunye usuku uyokufela, mfana." Wathi, "Uzophawula ubufakazi bakho ngakho, yona leyonto efanayo."

112 Enye yamadoda amakhulu kunawo onke esinayo, lapho u-Eisenhower namadoda amakhulu ezwe, iHollywood, zonke izinhlobo zezingcweti zamabhayisikobho nayo yonke into imbiza, kodwa kwalenga lapho ngqo emhlanganweni. Wathi, "Kade ngineminyaka ethize engamashumi amathathu nento, ukuthola lelihumusho, kungesikho okusuka eVatican Greek, kodwa okuvela kwi-Aramaic; kuvela kulokho ngqo, kusuka kwisi-Aramaic, kuya esiNgisini." Futhi wathi, "Ngichithe sonke leso sikhathi," wathi, "ngisanda nje kungena endaweni lapho engibona uNkulunkulu weBhayibheli, ehambahamba." Wathi, "Uyazi, Mfowethu Branham, singazibona izibonakaliso nezimangaliso, kodwa sibheka ukuthi iPhimbo linasiphi isibonakaliso. Thina maJuda, sibona isibonakaliso, kodwa sibheka iPhimbo lesibonakaliso."

113 O, Haleluya, iPhimbo lesibonakaliso! UNkulunkulu watshela uMose, "Uma bengenakuzwa iPhimbo, iPhimbo lesibonakaliso sokuqala, khona-ke bayokuzwa iPhimbo lesibonakaliso sesibili." Kungesikho okuningi kwesibonakaliso, kodwa iPhimbo elahamba naso.

114 Niyabo, leloJuda, lalazi ukuthi lalikhuluma ngani. Lathi, "Ngikubonile ukubona okufihlakele, ngizibonile izibonakaliso, izimangaliso, izimpumputhe ziphilisiwe, nazozonke izinhlobo zezibonakaliso ezahlukene, kodwa ngimangalile, kodwa manje ngibona iPhimbo emva kwaso. Lapho, kungesikho ukunquma uNkulunkulu izingxenye ezintathu, futhi uthi Ungo 'yedwa, uNkulunkulu uBaba, futhi olandelayo iNdodana,. . .'" Wathi, "UNkulunkulu unguNkulunkulu; izingxenye ezintathu ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu." Wathi, "Lokho kuyakuqinisekisa."

115 O, mfowethu, sinoMlayezo! "Hambani, nitshele abafundi baMi! Angisuye *lowo* owafayo, futhi *omunye* useseduzane nokufa impela, kanti *omunye* uyaphila. NgiNguye Owayekhona,

Okhona, noZaKuza; iMpande neNzalo kaDavide; eKhanyayo neNkanyezi yoKusa." Yebo!

116 Kusiza ngani uhamba, ukwenza ukuhamba, uma ungenayo into ozoyisho na? Unayo into ozoyisho! Kunjalo. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyanithanda nonke. Wafela nina nonke; uthando lwalunguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu.

117 Bangaki osewake waba semihlanganweni, futhi wabona izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso zokubonakala kwaKhe—kwaKhe, ukuthi Wehlukanisa kanjani futhi akhombise, nezinto na? Lowo nguNkulunkulu waseZulwini, Ovukile kwabafileyo.

118 Nifanele nibone isibonakaliso sesibonakaliso sesiHeberu saLo. NgukuKhanya, njengeNsika yoMlilo, futhi phakathi lapho ngomaka amathathu abancane, uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele, okwakungesibo abantu abathathu. KwakunguNkulunkulu oyedwa ehlala ezikhundleni ezintathu. UNkulunkulu ofanayo! Haleluya! UNkulunkulu phezu kwakho, uNkulunkulu enawe, uNkulunkulu ekuwe. Ofanayo ezehlisa Yena uqobo, ehlanza iBandla laKhe, ukuze Aphile. Uma uMnquma abe ngophisi, bese ubeka owodwa phandle *lapha*, nomunye *ngapha*, omunye *laphaya*, kungubuhedeni ngakho konke.

119 Ngikholwa ukuthi ukuvuka kukaJesu Kristu, evuswa kwabafileyo. Futhi kwakuNguye kuphela uMuntu ongasho ukuthi, "Onke amandla emaZulwini nasemhlabeni anikezwe esandleni saMi. Onke amandla emaZulwini nasemhlabeni anikezwe esandleni saMi. Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kuzo zonke izidalwa." IVangeli alizanga ngezwi kuphela, kepha ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. UNkulunkulu akusize ukuba ukukholwe lokho, uNkulunkulu angisize ukuba ngikholwe lokho, futhi sizobona uJesu ngolunye usuku.

> Lapho ukukhandleka kwempilo sekwedlule,
> Siyakumbona uJesu ekugcineni;
> EsiHlalweni saKhe sobukhosi esihle,
> Uzongemukela eKhaya,
> Emva kokuba usuku selwedlule. (Kunjalo.)
>
> Izihlabathi ziwashiwe ezinyathelweni
> ZalesosiHambi esivela egwini laseGalile.

120 BaMbulala ngoba Yena Wayezenza uNkulunkulu, futhi WayenguNkulunkulu. BaMlengisa, ngoba, Wafa ngesijeziso sokubulawa. Yingaleso sizathu ngingakholelwa esijezisweni sokubulawa. UJesu wafa ngaphansi ko—kokujeziswa kokujeziswa ngokubulawa okuvela kuhulumeni wamazwe omhlaba waseRoma. Isijeziso sokubulawa, kwakunguku, lengiswa esiphambanweni. Wafa ngaphansi kwesijeziso sokubulawa, wahlutshulwa izingubo zaKhe kuYe, futhi

walengiswa lapho, waMhlazisa, futhi Wafa kulesosimo. Kodwa uNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu!

121 Futhi singofakazi baKhe. Futhi uma singaMmeli, ngubani ozoMmela na?

122 Indoda yahlangana nami ngolunye usuku, yathi, "O, Mfowethu Branham, awusho yini. Uyayeka ukusho. Wena, ulimaza imizwa yabesifazane, ngabo benezinwele ezimfishane, futhi ngabo benza *lokhu* futhi benza *lokho*, nokunye nokunye kanjalo."

123 Ngathi, "Uma ngingabatsheli, ngubani ozobatshela na? Ubani uzokusho na?"

Uthi, "Awu, uthukuthelisa labo abashumayeli."

124 Ngingaqoka ukuba nabo bengithukuthele, kunaYe. YiQiniso. Kunjalo! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kunjalo. Khona-ke ubani ozokusho na? Umuntu othize uzofanele akusho.

125 UJesu wathi, "Hambani, nitshele. Hambani futhi nitshele, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngivukile kwabafileyo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe."

126 Niyakukholwa lokho, bangane na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhuleke, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje senzela umkhuleko.

127 O Baba Nkulunkulu! Ngokweqiniso, "Hambani, nitshele. Hambani, nitshele abafundi baMi ukuthi Ngivukile kwabafileyo." Futhi Baba, Nkulunkulu, akusikho ukuthi Watshela abafundi baKho kuphela, kodwa Wafakazisa kubo ukuthi Wavuka kwabafileyo. Wazibonakalisa Wena uqobo nabo, futhi wenza nje ngendlela Owenza ngayo ngaphambi kokuba Ufe. Iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye ifikile futhi yedlula, Nkosi, uMlayezo usavutha. Ukhanya nje futhi uvutha ezinhliziyweni zethu namuhla njengoba wawunjalo kulabo bafundi, ngoba sibona iNkosi evukile phakathi kwethu ngqo, yenza izinto Eyazenza ngaphambili. Siyazi ukuthi Ivukile kwabafileyo.

128 IPhasika lichaza okuningi kakhulu kithi, ngoba sihlanganyele phakathi futhi sathwala inhlanganyelo yokuvuka kwaKhe. Ngokuba sasifile esonweni naseziphambekweni, njengendodana yolahleko, kodwa manje sithole umusa, futhi uNkulunkulu usithethelele izono zethu. Usinike futhi uPhawu, njengoba Enza kuBaba Abrahama, ukuqinisekisa ukuthi Usamukele. UBaba Abrahama wathi wamkholwa uNkulunkulu, kodwa Wamnika uphawu lokusoka, njengesiqinisekiso sokuthi waMkholwa. Futhi manje, Baba, namhlanje sisokwe ngoMoya oNgcwele, zonke izinto zezwe zedlulile. Sinenhloso eyodwa:

ukukhonza Wena. Sinesifiso esisodwa: ukuthanda Wena, ukuba umfundi waKho.

129 Futhi manje, Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi Uzoqinisekisa lomlayezo omncane ophukile kuyo yonke inhliziyo. Mabangakugeji. Mababone ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi Ulapha, uvukile kwabafileyo, futhi kuyoba njalo kuze kuthi u—uMoya nomzimba uhlangane ndawonye futhi ekuBuyeni kwesiBili.

130 Ngikhulekela abagulayo olapha, Baba, kulokhu kusa. Mina manje, ngalokhu kusa kwePhasika, ngibeke eceleni (noma, kungesikho ukubeka eceleni, kodwa nje kubekwe eceleni okwesikhashana) izipho Onginike zona, njengokubona okufihlakele. Izwe, kade ngisemuva naphambili ukunqamula izizwe, Nkosi, zonke ziyakwazi. Manje ngiyakhuleka ukuthi . . . UMlayezo Onginikeze wona phezulu lapha emahlathini, ukuthi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ukuthi . . . emandleni adalayo ahlezi kulelibandla kulokhu kusa, bona kanye abantu abadalelwa kuwo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba ngiza ukubeka izandla zami kwabagulayo kulokhu kusa, nabazalwane bami lapha, ukuthi Uzowela kulelibandla kulokhu kusa, ngomusa, nokuthi Uzophulukisa abantu, ukuthi akuzukubabikho muntu obuthakathaka phakathi kwethu uma lenkonzo isiphelile. Kwangathi ngamunye wabo angabusiswa futhi aphulukiswe.

131 Siyaqonda, Nkosi, akusiyo into esingazisebenzela kuyo ngesingathi. Kungukukholwa nje okulula njengokomntwana, ukukholwa. Singabona abafundi emva kokuba babenikwe amandla okuphulukisa abagulayo, baphuma futhi wanqotshwa odabeni lwesithuthwane; ememeza kakhulu futhi ekhala, mhlampe, futhi egxuma phansi naphezulu, futhi ezama ukwenza lelodemoni lihambe. Kodwa ngenkathi ehlangane noJesu, o, kwehluke kanjani. Wathi, "Wena moya omubi, phuma kuye." Umehluko onjena pho. O, wayazi ukuthi lowo kwakungesuye umphostoli. Leyo kwakuyiNkosi uqobo lwaYo. Futhi umoya wadabula umfana futhi wamphonsa phansi. Kodwa uJesu wathi, "Akafile. Mvuseni nje futhi nimnike ukudla." Umoya omubi wawususukile.

132 O Jesu, Wena Ndodana kaNkulunkulu, buya futhi, gcoba iBandla laKho ngokukhululekile, ngokugcwele, ngamandla. Kwangathi uMoya kaJesu ophilayo ovukileyo ungavusa lelibandla elincane kulokhu kusa ekukholweni okusha, amandla, amandla okukholwa, ukuthi singafaka amahloni wonke umphikisi. Siphe khona, Nkosi. Nginikela bonke lababantu kuWe, ngicela ukuthi Uzobabusisa futhi ubanike insindiso emiphefumulweni yabo, ukuphulukiswa emizimbeni yabo, ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

133 Futhi namakhanda ethu ekhotheme, ngizobuza umbuzo. Ukhona othize lapha ongesuye umKristu, ongathanda ukukhunjulwa manje, futhi athi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham"? UNkulunkulu akubusise lapho. Omunye, "Angisuye umKristu. Ngizizwile izindaba ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo, kodwa empeleni angikwazi. Akakaze avuke enhliziyweni yami. Anginakweneliseka. Ngiyagula, futhi. Ngizokwedlula emgqeni wokukhulekelwa, ngibuye futhi ngihambe ngedlule komunye, ngibuye futhi ngedlule komunye. Ngizohamba ngisuka ebandleni ngiye ebandleni, nendawo ngiye endaweni." Akusikho lokho. NgukuMkholwa. Wavuka kwabafileyo. Lokho kuyakuxazulula. Omunye ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi . . . UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Omunye, "Ngifuna ukukholwa. Ngifuna ukukholwa"?

134 Bangaki ogulayo lapha, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngifuna ukukholwa. Ngifuna ukwazi uMlayezo kulokhu kusa." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Yebo, uNkulunkulu akubusise, ndodana. Kuhle. Kulungile.

135 Manje, Teddy, ngifuna udlale elithi *"INyanga Enkulu,"* umzuzu nje, uma uthanda, "manje iseduze." Futhi ngenkathi usenza lokho . . .

136 Lokho kulukhuni khona manje. Imibono isakazeka kuyo yonke indlu, niyabo. Yebo, ngizama uku, ngizama ukuvumela lokhu kube uvuko, ukuphakama kakhudlwanyana, ukuphakama kakhudlwanyana ukusuka e—ukusuka ezaleni ngihlezi kulo. Ngifuna okukhudlwana kwesambulo. Ngazi into eyodwa; inqobo nje uma ngisabambelele kuleyonkonzo yokuqala, eyesibili ngeke ifike, ayifikanga. Manje inqobo nje uma ngibambelele kweyesibili, eyesithathu ngeke ifike, niyabo. Ngizofanele ngiphume ngqo, ngiphume futhi ngikukholwe, "UNkulunkulu washo njalo!" Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule . . .

137 Manje ningawaphakamisa amakhanda enu manje uma nifisa. Nginezandla zenu; uNkulunkulu unazo.

138 Ngifuna ukunitshela into ethize encane. UMfowethu Ed Daulton, ngiyakholwa uvele nje wangena emnyango, umfowethu okahle oyiBaptisti, yena nomkakhe. UMfowethu Jeffries ulapha ndawo ndawo. U-Othel Jeffries. Futhi ulapha, ngiyazi ukhona lapha ndawo ndawo. Noma kunjalo, labo bazalwane bangenzele umhlangano ukuba ngiye kuwo, ezansi eKentucky. Abazalwane, abafowethu abayigugu, bethanda omakhelwane wabo nabantu bakubo. Banamahholo amakhulu nezindlu zokwakha izikhali nezinto, nje okwenkonzo yobusuku obubodwa, babeqashe izakhiwo zezikhali. UJ. T. Hoover omncane, noma ngabe yini okwakhe . . . uL. G. Hoover wayenzile, owodwa ezansi e-Elizabethtown. Futhi uMfowethi Ed Daulton ngaphesheya eWillow Shade noma—noma eSomerset, eSomerset. Futhi

umfowethu, omunye umfowethu wayesezansi ngaseGlasgow, lapho engazalelwa khona. Abantu phakathi lapho engazalelwa khona futhi ngakhulela khona, lapho iNgelosi yeNkosi yokuqala yabonakala kimi.

139 Futhi ngangifuna ukubuyela emuva. Kodwa ngezwa ukugqula okuncane. Futhi ngathi, "Awu, ngenxa yabazalwane, ngizohlela umhlangano." Kwathi nje ngingafika kulesisigodi, umphimbo wami wavaleka nya futhi angikhulumanga izinsuku eziyisishiyagalolunye, imihlangano yaze yedlula.

140 UMfoweth Ruddell, angahle abe lapha kulokhu kusa, futhi, omunye wabafowethu ovela kulelitabernakele, yena noJunie Jackson nabo, ngangifanele ngibe nomhlangano wakhe. Futhi ngokushesha, umphimbo wami wavele wavaleka nya nje. Futhi into yokuqala niyazi, ngaba nomkhuhlane cishe amakhulu nesihlanu. Futhi ngangiya emhlanganweni, kuqala, futhi—futhi uDoc Schoen wathi kimi . . . Ngathi, "Umphimbo wami ushile."

141 Wathi, "Ngizokunika okuthize ukukhulula lowo igilo, futhi uqhubeke futhi ushumayele." Futhi ngathatha enye into anginika yona, futhi, kwakuyini, kwadonsa phansi lesosifo samankanka futhi kwasivimbela. Khona-ke ngalala embhedeni izinsuku eziyisishiyagalolunye, nomkhuhlane nje ovuthayo ngokuphakeme.

142 Abaningi babazalwane bami lapha beza kimi, abafowethu abaningi abadumile bayafika bayangikhulekela. Nakhu kufika uMfowethu Graham Snelling, nakhu kufika uMfowethu Ruddell, nabo bonke laba bafowethu lapha, bonke bebuthene ngaphakathi, bekhuleka nakho konke okunye. Nami ngikhuleka, ngizama ngokwami ukukwedlula konke, ngingakwazi ngisho uhlebeza. Ngamangala, "Kumayelana nani konke na?" Umkami omncane othandekayo ehlezi lapho, yena nabo bengikhulekela, baqhubeka nje behlezi ngokufanayo nje. Babengenakuqonda.

143 Manje, unginika umuthi othize ukuba ngiwuthathe, kodwa angizange ngiwuthathe, ngoba kwakumuthi osanganisa ikhanda. Futhi khona-ke ngavele ngakuyeka kwahamba. Futhi ngangilokhu ngicabanga, "Nkosi, impela!"

144 Futhi khona-ke emva kokuba umhlangano wonke wawusuphelile, ngoMsombuluko, lokho kwakungukuthi; umhlangano wokugcina wawufanele ube ngoMgqibelo, futhi khona-ke, ngiyakholwa. Futhi khona-ke ngoMsombuluko ngangizamile ukuvuka. Ngangibuthakathaka kakhulu, ngangingenakuhamba ngidabule ekamelweni. Ngahlala phansi.

145 Niyazi, ngibonga kakhulu ngonkosikazi engimphiwe uNkulunkulu. Aninjalo yini, bazalwane na? Unkosikazi wangempela, umata wangempela!

146 Ngahlala phansi. Ngamqhweba, futhi ngamsondeza ngapha eduze kwami. Futhi ngathi, "Meda, ngezinye izikhathi ngiyamangala," ngathi, "Ngiyamangala, yini indaba." Ngathi,

"Kungani leyo mihlangano ibe lapho, futhi uNkulunkulu wangivumela ukuba ngilale kanjena na?" Ngathi, "Bekungani na?" Ngathi, "Ngezinye izikhathi ngiyamangala uma ngisho Engibizile."

147 Wathi, "Awunamahloni ngawe na?" Niyabo? Futhi wangitshela, wathi, "Bill, awazi yini ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani ngawe na? Nje, nje thula."

148 Futhi ngakho ngangena. Lolohlobo lwathi ukungikhuza kancanyana, uyazi. Futhi ngakho ngangena futhi ngalala embhedeni. Uyangena ukushintsha amashidi. Futhi wayene—nezinto engalweni yakhe, futhi ngenkathi eseqalile, ngabuka, futhi kwakukhona . . .

149 Ngibone indlu enkulu yokwakha izikhali, ukuthi ilanga lalikhanyile phansi futhi lasakazeka emhlabathini, lawuqhumisa waba izicucu, ilanga likhanyisa phansi livela eZulwini. Futhi nakho kufika abesifazane abathathu nendoda, bayenyuka. Futhi babekade bephandle ngokungathi kancanyanyana nje, nje kuncanyana . . . uhlobo oluncane lokudubula ngezibhamu, kanjalo. Futhi wathi, "Lokhu kushayela izipikili." Futhi wathi, "Sizo . . . Bamba, lezi zicucu, Mfowethu Branham, futhi sizokwakhela lendawo yokwakha izikhali emuva phezulu."

Futhi ngathi, "Kulungile, ngizokwenza lokho."

150 Kodwa Into ethize yathi, "Ungakwenzi." Awu, ngafinyelela, phansi ukuthola ucezu, ka*njena*, uku, kwakha ka*njena*. Futhi nje khona-ke iPhimbo lakhuluma kimi, lase lithi, "Manje basendleleni ukuba bakubuyisele emuva. Ungakukholwa." Wathi, "Bahlale beqotho njalo, futhi beza kuwe ngo ISHO KANJE INKOSI, kodwa banephutha." Niyabo?

151 UFred Sothmann, abaningi babo lapha, babelapho ngqo ngenkathi ngibatshela ngakho. Ngaphansi kwehora, abantu bashayela benyukela emnyango wami. Ngathi, "Kukhona abesifazane abathathu nendoda."

"Kunjalo impela."

"Beza ngo ISHO KANJE INKOSI na?"

"Yebo, mnumzane, ba . . . "

152 Ngathi, "Kusobala, uyazi ukuthi uzobatshelani." Banephutha ngokoqobo, niyabo. Abantu abalungile, kodwa banephutha ngokoqobo. Niyabo?

153 Khona-ke ngacabanga, "Awu, ngenze njani na? Ngenze njani na?" Futhi khona-ke uMeda uyangena, futhi wayesehambe wabuyela emuva. Futhi uMfowethu Freddie wahamba futhi watshela abantu. Futhi khona-ke emva kwesikhashana, ngangiphakathi lapho e—embhedeni, futhi ngacabanga, "Kungani kwenzeka ngaleyondlela na? Kungani ngingakhulumi na? Kungani ngingakhulumi kumuntu othize, noma into ethize

na?" Futhi ngangilele lapho. Futhi uMeda uyangena, futhi wayebuyela ephuma ekamelweni.

154 Futhi ngabuka, futhi ngibone okuthize kulokoza ngale kolunye uhlangothi. Futhi ngabuka, futhi kwakukhona udonga lwami luvulekile, futhi ngibone uJesu. Bangaki kini owake wangizwa ngithi ngibone uJesu kabili empilweni yami, embonweni na? Futhi ngikholwa ukuthi ngizoMbona futhi ngaphambi kwesikhathi sokuphela, niyabo, ngiMbone futhi. Manje, ngabuka, futhi izibhakabhaka zaziphandle lapho ngqo, nje kwakubukeka sengathi ngangibuka ngedlule odongeni. Futhi kwakukhona iBhayibheli limile lapho ka*njena*, iBhayibheli elikhulu kakhulu limile ezibhakabhakeni. Awu, kwakukhona into eyathola ukukhanya ngaseBhayibheli, futhi eBhayibhelini kufika isiphambano esihle ngempela esiyigolide. Futhi kwavela ka*njena*, futhi ukukhanya kuvela nxazonke, futhi kulesosiphambano Wahamba. IBhayibheli labonakalisa isiphambano, isiphambano sabonakalisa Yena. Futhi Uyafika ehamba ephuma, futhi wahamba wehlela lapho ngangikhona. Ngingakubona nje ngokucacile, ngingasibona lesosiphambano sibonakalisa izinwele zaKhe zimile lapho, zilengela phansi ngaphezu kobuso baKhe.

155 Wangibuka phansi ka*njalo*, futhi Wathi kimi, "Ulindele inkonzo yakho entsha ukuba iqinisekiswe kuwe." Wathi, "Sengivele ngiyiqinisekisile kuwe. Seyiqinisekisiwe kakade. Ufanele ukwemukele." Niyabo? Futhi ngama futhi ngaMlalela umzuzu nje. Futhi kufika engqondweni yami. Angikuzwanga lokho, kuvele nje kuyafika engqondweni yami.

156 Njengendoda ekade iyisoni yonke impilo yayo, futhi iyazi ukuthi kukhona iBhayibheli, iyazi ukuthi kukhona uNkulunkulu, kodwa ngaso lesosikhathi izwa intshumayelo, khona-ke Into ethize iyayitshela, "nguwe." Khona-ke, leloZwi elifanayo belilapho sonke isikhathi, nokho liqinisekisiwe kuyo, khona-ke ithi, "Nkosi, ngithethelele." Kodwa ngeke kwasiza ize yemukele insindiso, khona-ke iyaphuma futhi ingumKristu. Kungakhathaleki ukuthi ikhala kangakanani, ukuthi incenga kangakanani, izofanele iKwemukele.

157 Futhi Washo kimi ngalesosikhathi, "Uzofanele ukwemukele ngendlela efanayo. Uzofanele ukukholwe."

158 Ngiyakwesaba ukunqotshwa. Noma yini, ngiyesaba ngizoletha ihlazo. Ngihlala njalo ngikwesaba, ngibhekisisa, ngicabanga ukuthi ngizobiza into engalungile. Isizathu, ngithathe isexwayiso seBhayibheli, ukuthi uMose wanikwa kanjani amandla amakhulu, futhi washaya idwala esikhundleni sokukhuluma kulo. Ngikhumbula u-Eliya, ngoba wayesenempandla, lezo zingane ezincane zimdelela ngokuba nempandla; futhi wabeka isiqalekiso kulabo bantwana, futhi amashumi amane nambili abo abulawa ngamabhere,

niyabo. Futhi lowo kwakungesiwo uMoya oNgcwele, kodwa kwakuyilowo mprofethi, wathukuthela. Futhi ngi—ngidlule kuzo zonke izinto, ngifika kulokho.

159 Futhi lapho Wayemile, ekhuluma nami. Futhi Wathi, "Kodwa uhamba neningi kakhulu." Wathi, "Ukuhamba naMi, uzohamba wedwa."

160 Ngikubonile lokho. Kade ngiphakela kakhulu amahlelo nakho konke, niyabo, umuntu-mumbe ezama ukukutshela ukuthi yenzani futhi ungenzi ini. Ufanele ulandele Yena. Manje, khumbulani umbono Anginika wona ngezinhlanzi, niyazi, nokuthi ungefundise kanjani ngezibonakaliso ezingaphezu kwemvelo ezinganeni zePentecostal. Niyakhumbula. Futhi kwakulapho. Futhi ngisemphethweni ngqo waloMlayezo omusha.

161 Okungengaphezu kombono kwangishiya, ngathi, "Amen, Nkosi!" Futhi umkami wayemile lapho, wacishe waquleka. Futhi ngagxuma ngaphuma umbhedeni, ngangikhuluma kahle njengoba ngake ngenza. Ngomzuzwana nje, konke nokunci komkhuhlane kwangishiya.

162 Ngabiza uDoc Schoen, ngathi, "Ngingathanda ukuba ungibuke." Wathi, "Ini?"

163 Futhi ngifika ngapho, futhi wangibuka, wabuka ngokwedlula kulawo mankanka, wathi, "Ngitshele ukuthi kwenzekeni, Mfowethu Branham."

Futhi ngathi, "Uzoyikholwa indaba yami na?"

Wathi, "Ngingayingabaza kanjani na? Kwenzekile."

164 Yilokho, niyabo. Yilokho, mngani. UNkulunkulu uyazi ukuthi angakubamba kanjani ezaleni. Uyazi ukuthi angakwenzela kanjani into aze Athole uMlayezo uphezu kwakho, niyabo, ukuze kwenze into ethize.

165 Namhlanje, angazi ukuthi ukunqotshwa okungakanani. Ngangena esikhathini esingeside esedlule, ngangilalele ekusakazeni komsakazo. Futhi kwakukhona umfundisi eshumayela ngokuvuka, ngokuvela kwabaseKorinte bokuQala 15. Futhi wayeshumayela ngokuvuka. Futhi, wama ngqo maphakathi nentshumayelo yakhe, futhi wathi, "Niyazi, abantu abaningi kakhulu besaba ukunqotshwa." Wathi, "Ngenkathi uJenene Patton elahlekelwe isigejane samasosha," wathi, "khona-ke bamtshela . . . Wathumela emuva futhi wayefuna amanye futhi, futhi bamthumelela amanye futhi. Wawabulalisa, futhi wathumela efuna amanye futhi. Futhi lapho esethole isigejane sesithathu phezulu lapho," wathi, "njalo lapho inhlamvu inswininiza, babegijimela ngaphansi kwethini, noma bagijime ngaphansi kwenye into, besaba."

166 Wathi, "Ngenyuseleni amadoda, hhayi izinganyana." Wathi, "Ngifuna amadoda alungele ukufa. Angifuni umuntu owesaba

ukufa. Uma imbangela esiyilwelayo ingakufanele ukufa, khonake aqheliseni kimi. Ngifuna amadoda."

Bathi, "Kodwa ulahlekelwe izimpi ezimbili noma ezintathu."

167 Wathi, "Angizange ngilahlekelwe yimpi. Ngisanda kulahlekelwa ukulwa." Into ethize ikhulume enhliziyweni yami.

168 Ngiyakhumbula u-Eisenhower wathi, "Lapho ngiphosa inhlamvu, ngiyala futhi baphose igobolondo esibhanyini, bayasidonsa futhi kuphelela phansi, akusebezanga," wathi, "angiyekanga futhi ngazinikela. Ngakhipha ngalahla inhlamvu ngafaka enye, ngikuzamile. Uma kungasebenzanga, ngifaka enye, kuze kuthi leyo isebenzile."

169 Yileyo indlela okufanele kwenziwe ngayo. Angazi ukuthi kuzoba kanjani. Kodwa uNkulunkulu njengoMahluleli wami phezu kwaleli pulpiti, angazi ukuthi zingaki eziphelele phansi futhi kungaki—kungaki ukulwa engizolahlekelwa yikho, kodwa ngeke ngilahlekelwe yimpi. Wangitshela Uyoba nami. Ngizoma ngize ngibone leyo nkonzo iqinisekiswa futhi ngiyibona emsebenzini. Ngiqala kulokhu kusa, ngomusa kaNkulunkulu. Angazi noma kuzosebenza lapha, noma ngabe kuzosebenza kwenye indawo, ukuthi kuzosebenza kanjani noma ukuthi kuzokwenzekani. Kodwa ngizokwehla ngqo ngemigqa yomkhuleko, ngikhulekela abagulayo, ngize ngazi ukuthi kwenzekani. Ngikubonile kwenzeka izikhathi ezimbili noma ezintathu.

170 Ngikubonile kwenzeka endlini kaHattie. Bangaki abake bezwa indaba mayelana nezingwejeje, nangentombazane, owesifazane omncane na? Umuntu wokuqala kubo bonke kusukela sazi, kusukela ezinsukwini zabafundi, bake banikezwa ilungelo lokuthi, "Cela okuthandayo," uma ulapho. Nake nayizwa indaba na? Senake nambona owesifazane na? Bangaki abangakaze bambone, futhi bayafuna, abangathanda ukubona owesifazane okwenzeke kuye na? Thina . . .

Hattie, ungasukuma na? Nanto inenekazi.

171 Ngimile endlini yakhe. Ngemuva kokuba ngibone izingwejeje eziyisishiyagalombili, lokho okwakungekho lutho nhlobo ngakhona, futhi, vele nje ukhulume izwi, futhi lapho zaziyobe zimi lapho. Yiqiniso lelo. Lokho, nazo zazilapho. Futhi ngathi, "Yini eyenza ukuba lezo zingwejeje zize na?" lapho sihlezi lapho etafuleni lakhe. Futhi unina, uDadewethu Wright, nangu uMfowethu Wright, wayehlezi lapho. Bangaki owayesetafuleni, bangaki okhona lapha kulokhu kusa na? Phakamisa isandla sakho. Awu, nampo, nxazonke endlini. Niyabo? Kulungile, babelapho. Futhi ngathi, "Ngeliny'ilanga . . ." Udadewabo omncane okhubazekile ehlezi lapho.

172 Ngathi, "Kufanele kufike ngombono, nokunye nokunye, kodwa ngeliny'ilanga kuyofika ngokwehlukile." Ngangikhuluma kanjalo. Khona manjalo, Into ethize yagcoba lokho (kushiye kulababantu), angikaze ngiluzwe ugcobo olunje. Ngani na? Ngoba uHattie washo into efanele.

173 Ngathi, "Zavela kuphi lezizingwejeje na? Zazingekho lapho, kungekho ngisho indawo yazo, njengasesigxotsheni sikathelefoni khona lapho ngqo. Futhi ngikubonile kwenzeka izikhathi eziyisishiyagalombili eziqondile." Futhi ngathi, "Angazi ukuthi zivelaphi." Ngathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi uNkulunkulu wazama ukuqinisekisa umyalezo ku-Abrahama ngesinye isikhathi, futhi wakhuluma inqama yabakhona, ngoba wayeyidinga inqama, ukukuqinisekisa. Kufanele ukuthi ngangiyidinga ingwejeje, ukukhuma eyami. Futhi Wakwenza ezikhathini eziyisishiyagalombili eziqondile, noma izikhathi eziyisikhombisa eziqondile, njalo, izikhathi eziyisikhombisa eziqondile." Futhi ngathi . . .

174 Futhi, uHattie, mhlawumbe engazi ukuthi owesifazane wayethini. Bukani ukuthi Kwabedlula kanjani abacebile nabaqhoshayo. Bukani ukuthi Kwayedlula kanjani yonke into, futhi kuze kowesifazane omdala ozihluphekelayo wasemaphandleni lapho.

175 Futhi nganginamadola angamashumi amabili ephaketheni lami, ukubuyisela kowesifazane, ukuthi wayethembise amadola angamashumi ayisihlanu kulendlu yokukhonzela entsha ezayo. Futhi angisho lokhu ukumphoxa; wayengakwazi ukuba namasenti angamashumi amahlanu, empeleni, ukunikela. Kodwa, inhliziyo yakhe eMlayezweni, wayefuna. UMfowethu Neville, ngiyakholwa, wayewamukele, wayengeke akuthathe konke, nje wavumela anikele ngamadola angamashumi amabili kuwo. Futhi nganginamadola ayishumi amabili ephaketheni lami, uMeda wayenginikile engawegrosa, futhi ngathi, "Ngizoyibuyisela kuye namhlanje."

176 Khona-ke ngacabanga, Into ethize yakhuluma kimi, yathi, "UJesu wabona lowo mfelokazi efake openi bakhe abathathu, futhi Akazange ababuyisele kuye." Wamvumela aqhubeke ngoba Wayenento ethize enkulu ezansi emgwaqeni.

177 Ngangazi kancanyana ukuthi Wayekhuluma nami ngendlela efanayo, yowesifazane ongumfelokazi, kungekho myeni. Umyeni wakhe wabulawa. Kanjalo futhi ngangingazi ukuthi loyo kwaKungofanayo, ngenkathi ngithe, "Khona-ke ngizogcina nje amashumi amabili amadola, Unokuthize kwakhe."

178 Ngathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi, uJehova usenguJehova-Jire. Angawuhlinzeka umhlatshelo."

179 Futhi uHattie, engazi ukuthi wayethini, wasukuma wathi, "Lokho akulutho kodwa iqiniso, Mfowethu Branham." O, he!

Leyo kwakuyinto elungile ukuyisho. Lokho kwakungelungile, into ukuyisho.

180 Ngaleso sikhathi, aMandla kaNkulunkulu ashaya leyondawo; angikaze ngiluzwe ugcobo olunjalo. Ngenkathi seKwenzekile, ngathi, "Hattie, ISHO KANJE INKOSI, cela okuthandayo! Anginandaba ukuthi kuyini, uNkulunkulu unginike igunya ukukunika isifiso senhliziyo yakho khona manje. Uma ucela amadola ayisigidi, ungabanawo. Celela leyo ntombazanyana ekhubazekile ukuba isukume futhi ihambe, izoba nakho. Cela noma yini enye."

Wathi, "Ngiyakucela ini, Mfowethu Branham na?"

181 Ngathi, "Noma yini oyifisayo. ISHO KANJE INKOSI." O, umuzwa onjena pho!

182 Waqalaza. Lapho kwakuhlezi ubabayi wakhe omdala onekhanda elimpunga owayebuyiswe kwabafileyo, cishe. Lapho kwakuhlezi umama wakhe osekhulile, oxhwalile. Lapho kwakuhlezi omncane, udadewabo okhubazekile.

183 Kodwa wakhetha nje lokho okwakulungile. Wayenamabhungu amabili ethi awabe kuleyomnyaka yokunganaki. Umyeni wakhe oyigugu wayesahamba waya eNkazimulweni; wayengumKristu, elindile. Kodwa abafana wayengesiye umKristu. Wathi, "Imiphefumulo yabafana bami ababili." UNkulunkulu abusise inhliziyo yakhe.

184 Ngathi, "ISHO KANJE INKOSI, unabo."

185 Futhi naba lapha, babhaphathiziwe ekuKholweni. Babengitshela ngobunye ubusuku. Ngisho nalowo mfanyana omcinyana egeza izinyawo phakathi lapho, ebeka izandla zakhe phezu kwekhanda likaMfowethu Neville, futhi emkhulekela lapho wayegeza izinyawo.

186 Abafana abancane ababili mhlawumbe bahlezi lapha emhlanganweni ndawo ndawo kulokhu kusa. Bakhona, Hattie, banawe na? [Udadewethu Hattie uthi, "Basemuva lapho."—Umhl.] Ngemuva, kwingemuva. Nikuphi, bafana na? Phakamisani izandla zenu. Baphi abafana ababili na? Nampaya, bemile emuva kwingemuva. UNkulunkulu anibusise. Kulungile. Nakho lapho okhona.

187 Manje, kwenzekani na? Leyonto efanayo, kungakhathaleki ukuthi yini, wayeyobanakho kwenzekile...lokho ayeyobe ekucelile, wayengaba nakho. Wayengakuthola.

188 Manje ngifuna ukubona lokho kwenzeka. Kuyoba isimo sokuziphatha kwabantu ngokuya eMlayezweni. Bukani ukuthi wakusho kanjani na? Washo nje into efanele. Yilokho okushoyo, okukwenzayo. Lokho okushoyo!

189 Bukani owesifazane waseSirofenike lapho efika kuJesu. Wathi, "Nkosi, indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni. Wena Ndodana kaDavide, woza uyiphulukise."

190 Wathi, "Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana futhi ngisinikeze nina zinja."

191 Whewu! Bekungathiwani ukuba ubesho lokho kwabanye bethu na? Besingathi, "Ungibiza ngenja na? Ehhe, kwakungelutho kuYe, empeleni! Ibandla elikhulu liqinisile. Akayilutho kuphela umgingqiki ongcwele. Akayilutho kuphela uBelzabule." Besingaba naleso simo sokuziphatha. Kodwa hhayi yena.

192 Wathi, "Yiqiniso, Nkosi. Uqinisile impela. Kodwa izinja ziyavuma ukudla imvuthuluka ngaphansi kwetafula labantwana."

193 Lokho kwaMthola. Wathi, "Ngenxa yalesisisho, udeveli ushiyile indodakazi yakho. Ngenxa yalesisisho!"

194 Yisimo sakho sokuziphatha, bangani. Akazange Akusho na? Nizofanele nikukholwe, bangani. Wena, ningangikholwa, ngingumuntu; kodwa kholwani enginitshela khona, kholwani uMlayezo. Uma ningasikholwa isithunywa, kholwani uMlayezo. Uma indoda ingena endlini lapho, netelegramu, kungakhathaleki ukuthi ingubani, ukuthi indoda yayibukeka kanjani noma ukuthi yayingubani, inkulu noma incane, kholwa yilokho okukutelegramu, hhayi indoda. UNkulunkulu ungithumile ukuba nginitshele. NginoMlayezo. UNkulunkulu ungithumile ukuba nginitshele ukuthi Uvukile kwabafileyo, ukuthi Ulapha kulokhu kusa. Ukufakazisile ngezibonakaliso nezimangaliso, ukuthi Ulapha, futhi ngamunye wenu ungaphulukiswa ekuguleni kwakho uma nje uzothatha isimo sokuziphatha esifanele lapho uza. Uzokwenza lokho, sisacula *Kholwa Kuphela*.

195 Manje akuthi labo abazokhulekelwa, beze ngqo phezulu lapha futhi balayine ngqo phezulu ngapha. Manje, ungezi ngaphandle uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

196 Nkosi eyigugu, leli yihora. Ngiyakhuleka ukuthi Uzophulukisa laba abantu, Nkosi. Futhi ngcwelisa lamafutha. Zitholele udumo Wena uqobo, Baba. Sithumela lezi eGameni likaJesu Kristu. Amen.

197 Ngiyacabanga uma singacela ukuthi labo bantu abami ku*lolu*hlangothi lapha, uma kukhona indlela abangathola ngayo indawo encane lapha, ukuze sikwazi ukuthola abantu bedlule kahle, uma ningakwazi. Badlule lapha ngqo, baphume nga*le*ndlela. Khona-ke bonke bangeza ngalendlela, ezansi ngqo nomugqa, ukwenza umugqa owodwa ophuma ngaleyondlela.

198 Okuthize kuzomele kwenzeke, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, "Amen. Kuyenzeka khona manje. Mayibongwe iNkosi! UJesu ulapha. Yebo. Ngamunye wabo uphulukisiwe ngaMandla kaNkulunkulu."—Umhl.] Amen.

199 [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye mayelana nokuhleleka komugqa womkhuleko—Umhl.] Uthini? Kulungile . . . Awu, qhabo, nje ngapesheya lapho. UMfowethu Neville nami, ya, sizobakhulekela ekugcineni ngqo. Ngakho, ngeke ubalethe ngapha ngalendlela, ngoba uzobe, uma ukwenza, uzo . . . Umzuzu nje . . . ? . . .

200 Manje ake ngisho ezethamelini ezilindile. *Leli* yiZwi likaNkulunkulu, Elingu, Lelo engiphile ngalo, futhi ngizokufa ngalo, ngomusa kaNkulunkulu nosizo. UNkulunkulu enguMahluleli wami onesizotha, nginitshele iQiniso. Ngibonile, futhi zonke lezizinto eziza kukho. Ngisho nasenhlanzini ezincane eyavuswa ezansi lapho, senake nayizwa leyondaba na? Lapho kuhlezi amadoda emuva ngqo lapho, bobabili, owayekhona ngenkathi kwenzeka; kwashiwo usuku ngaphambi kokuba kwenzeke. Manje, nginganitshela kanjani lezizinto ezikhona na? Niyabo, ngifuna ukushumayela ngakho, ngobunye balobubusuku, ngokuthi *Ukwenza Isisindo Nxazombili*. Umuntu angakutshela okuthile, futhi uqhubeke nje wakhe kanjalo, kodwa uma ungekho umBhalo ukukwenza isisindo silingane nxazombili, ekugcineni kuzowa phansi. Uma lokhu kubona okufihlakele, nalemibono nezinto enginitshele ngazo, uma lokho bekungesilo iQiniso; into yokuqala, kukhona iBhayibheli ukukusekela, futhi kwakukhona uMoya oNgcwele ukufakazisa ukuthi ngikhulume iQiniso.

201 Manje, sengineminyaka engaba yishumi nane ensimini, ngadlula kuwo wonke umgxeki ongatholakala ngaphambi kwami. Ofundile, ohlakaniphile, konke okunye, abakaze nakanye ba . . .

202 Khona-ke uyazi ukuthi bathini na? Nikuzwile lapha. Bathi, "Abantu phandle ezethamelini bayohamba bezungeza, bakhulume nabantu." Okokuqala bathi kwakungabantu abavela ebandleni lami, owenyukela lapho ukuba kwenziwe. Khona-ke bangeke bakuthole lokho, kunomningi wabo.

203 Into elandelayo basho, ukuthi, "Kuyoba njengabazalwane" abahamba nami, "bamile emuva lapho futhi bathi, '*Le*ndoda inokuzwa, ezindlebeni zayo.'"

204 Khona-ke basho ukuthi, "UBilly Paul, uBilly Paul uzofika futhi—futhi akhuphukele lapho futhi afunde ekhadini, lokho abantu abakushoyo. Uma kukhona okuthile okungalungile ngezindlebe zabo, uzothi, 'izindlebe zabo' noma 'isisu sabo.'"

205 Kanjani, ezweni, ngabe labo abaphandle lapho abangenawo amakhadi okukhulekelwa na? Kanjani, ezweni, Kungabikezela izinto futhi kwenzeke ngokuphelele na? Kungaba kanjani ngaleyondlela na? Angeke kube njalo. Noma ubani uyazi, labo abanengqondo ekahle.

206 Basho into efanayo ngoJesu, ngenkathi uFiliphu wayehambile futhi wathola uNathanayeli. "Wayengumngani

kaJesu." Wathi, "Impela, watshela uJesu konke ngakho. Uyamlandela."

207 Futhi khona-ke labo bafundi bathi, noma labo bafundi bebandla elikhulu bathi, "LoMuntu unguBelzebule. UnguBelzebule. Ungumbhuli."

208 UJesu wathi, "Ngizonithethelela ngalokho. Kodwa ngeliny'ilanga uMoya oNgcwele uyeza ukwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naLokho alisoze lathethelelwa." Manje uma . . .

209 Kade ngiqotho ngani bantu, ngiqotho nje njengoba ngazi ukuthi kwenziwa kanjani. O, ngingahle ukuba ngiphambanise izinkolelo ezithile eninazo esayenseni yezenkolo encane. Kodwa, isizathu sokuba ngenze lokho, uPawulu wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini ifika futhi ishumayele noma yiyiphi enye into kepha lokho iBhayibheli elikushoyo," futhi lokho akufundisile, "mayibe ngeqalekisiweyo."

210 Ngakho, ngifanele ngilandele nje lokho iBhayibheli elakusho. Uma iBhayibheli lathi, "Unguye izolo naphakade," ngiyakukholwa lokho. Nje noma yikuphi iBhayibheli elakusho, yilokho nje impela engikukholwayo. Ngikusho nje kanjalo. Ngangingenayo imfundo, ngangingenakho ukuqeqeshwa. Ngavele nje ngalalela uMoya oNgcwele neBhayibheli. Futhi kuze kube manje, kuze kufike kulokhu kusa kwePhasika, iminyaka engamashumi amathathu nanye, Akakaze angenzele phansi.

211 Futhi ngiyanitshela ukuthi uMoya oNgcwele wangitshela ngaleyo nkonzo ezayo, eminyakeni emibili noma emithathu edlule, futhi kade ngitshela amabandla yonke indawo. Futhi uNkulunkulu uSomandla enguMahluleli wami, khona lapha phezulu ngqo kuloluhlangothi laseSalem, lezozingwejeje zabakhona lapho kwakungekho zingwejeje. Ezansi ngqo lapho noCharlie, emi ngemuva lapho, futhi eziningi zazo ezansi lapha eKentucky; lezozingwejeje zifika ngqo endaweni lapho yayingekho, kwashiwo ukuthi kuzoba kuphi. Lapho uTony nabo, uBanks, ehlezi lapho. Futhi kwakulapho, ncamashi. Kuyabuya ngqo, futhi umuntu wokuqala okwake kwakhulunywa ngaye, kwakuyilowo wesifazane ohlezi khona lapho, futhi nakho. Ngokunye ukusa phezulu lapho, ngenkathi ngangigula ngaleso simo somphimbo, ngibone uJesu emi phambi kwami, futhi Wangitshela ukuthi inkonzo isivele iqinisekisiwe kimi.

212 Manje kuzokwenzekani, angazi. Kodwa, into eyodwa, ngifanele ngibeke eceleni okunye, ukuze ngiphumele kulokhu. Indlela kuphela engikwaziyo ukuyenza. Isiyaziwa manje. Lokhu makuqoshwe, njengoba uJobe eshilo kulokhu kusa, ngepeni lensimbi, edwaleni. Angazi ukuthi ngenzeni. Into kuphela engiyaziyo, ngukuya phambili. Wangitshela. Futhi uNkulunkulu unguMahluleli wami, Wangitshela. Nginitshele iQiniso. Futhi uma . . . UNkulunkulu uqinisekisile futhi wanitshela, futhi

asikho nesisodwa isikhathi angake, noma ubani lapha owake wabeka isandla sabo kunoma yini obekuyiphutha. Khona-ke, lokhu kuqinisile, futhi. Kuqinisile, futhi.

213 Manje uma ngihamba lapha futhi ngime ekugcineni komugqa. Nginelunga elidala, uMfowethu Neville lapho, indoda emesabayo uNkulunkulu, umelusi wethu lapha, ukugcoba abantu. Ngizobeka izandla phezu kwabantu, ngoba umyalo kaJesu, emva kwePhasika, kwakungukuthi, "Hambani nibeke izandla kwabagulayo, bayakusinda."

214 Angazi ukuthi Uzongitshela ukuthini ngasemgqeni. Ngizozama ukuzwelana nalologcobo olukhulu. Angazi ukuthi kuzokwenzekani. Angazi. Noma ngabe kuyini, ngizokwenza nje njengoba Engitshela.

215 Manje wozani, wozani ngenhliziyo egcwele. Kungenandaba uma Ekusola, uma Engasho lutho kuwe, kungakhathaleki ukuthi yini, hamba usuke uMbonga, uyabo. Ngoba, umsebenzi usuqediwe, yindlela ethize ukuze ufike kuwe.

216 Manje, mfowethu, nalowo mlenze, ngifuna ukukholwe. Uma Yena, ngothelefoni, ebengasusa leyo nkathazo yesisu kuwe, ngokuqinisekile ubengasisusa leso simo somlenze kuwe kulokhu kusa, niyabo. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

217 Futhi inenekazi elinaleyo ngane encane enenkathazo yenhliziyo, ungabe usangabazi nhlobo. Kholwa! Kholwa!

218 Manje ngifuna wonke umuntu ebandleni abe semkhulekweni. Futhi ngiyehla ukuyokhuleka. Nonke qhubekani emkhulekweni manje, ngenkathi ngisadlulisa lomugqa womkhuleko, ngicela, nje ngibeka izandla zami phezulu lapho futhi ngisho isibusiso.

219 Futhi, khumbulani, uma noma ubani kini enesono esingavunyiwe, makwazeke kuwe ukuthi uNkulunkulu akasoze akuphulukisa nalesosono esingavunyiwe. Lungisa, ngaphambi kokuba wedlule lapha, ngoba kungahle kukwenze ube kabi kakhulu. Niyabo?

220 Manje akusikho ekuboneni okufihlakele. Ukubona okufihlakele, ngikhipha lezo zinto. Kodwa, futhi lokhu akusikho ukubona okufihlakeleyo, ngihlola inkonzo entsha. Nonke niyaqonda kahle na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Manje kholwani.

Manje asikhuleke sisakhothamisa amakhanda ethu.

221 Baba, Nkulunkulu, imilobo yeminwe yami isalokhu ikulelipulpiti, kusukela emahoreni emva kwamahora, okwamanje cishe manje iminyaka engamashumi amathathu noma ngaphezulu, ukuthi kade ngimi lapha ngishumayela, nasemhlabeni wonke jikelele. Futhi uliqinisekisile iVangeli engilishumayelile, ngoba uMlayezo uvela kuWe. Angikaze ngiye kunoma yiziphi izikole, angizange ngixhumane namuntu kepha

Wena, ukufunda iZwi laKho nokulinda ukubona ukuthi uMoya uzothi angenzeni.

222 Futhi manje, Nkosi, Wena uyazi ngalenkonzo kaMarku 11:23, futhi wazi ukuthi ihora seliseduze, wazi ukuthi ngeqiniso ngikhulume ngalezozingwejeje, nangoDadewethu Hattie nabafana bakhe. Manje, Baba, futhi ngazi ukuthi lowo mbono uza kimi phezulu lapho phakathi embhedeni, ngokunye ukusa. Ngilibonile lelo Bhayibheli, bese kuthi-ke isiphambano, bese-ke kuba nguWe. Futhi kwembulwa engqondweni yami ukuthi ngifanele ngikwemukele, ngoba kuqinisekisiwe.

223 Manje, Nkosi, ngiya phambili ngalokhu kusa ebandleni lami, ukuma lapha phezu kwalokhu kusa kwePhasika, ngikhulekela ukuthi Uzongivusela esiphiweni esisha, esinamandla kakhulu, ngenxa yabantu, esinamandla kakhulu. Hhayi ngenxa yensindiso yami; ngoba, Ungisindisile, Nkosi, kakade. Kungesikho okomuntu; ngizinqabile zonke izinto ezinkulu, ukuze ngazi Wena. Njengoba Washo kimi phandle lapho kulelothempelini elikhulu, ngeliny'ilanga, "Ngiyisabelo sakho." Manje, Nkosi, mangibe yisabelo saKho, ukuze ngingathola umusa kuWe, ukuthi uMoya waKho uzongena kimi. Futhi lapho ngibeka izandla phezu kwalaba abayigugu, abantu abagulayo, kwangathi uMoya waKho, Nkosi, ungenza wonke umsebenzi. Yilokho konke engikwaziyo ukukwenza, Nkosi.

224 Ngiyawukhumbula umyalo wami, nga "Zalelwa ukukhulekela abantu abagulayo. Ngibathole ukuba bakholwe, futhi ubeqotho uma ukhuleka." Nkosi, nje ngi . . . Angazi ukuthi ngingaphinde ngibeqotho kanjani. Ngi—ngi . . . Bayagula, Nkosi. Futhi ngi—kade ngigula, mina uqobo. Ngiyacela, Nkulunkulu oThandekayo, siphe ukuthi bazophulukiswa, ngamunye.

225 Ngiya phambili manje, Nkosi, ngokukholwa, njengoba uMose athatha izinyathelo eya ngasoLwandle oluBomvu. Ngiyasuka kuleli pulpiti elingcwele, ezansi kulomugqa womkhuleko, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi uNkulunkulu Owanginika lezo zingwejeje, uNkulunkulu Owanikeza uDadewethu Hattie lawomazwi, uNkulunkulu Owangivumela ngiwakhulume nabo, kwangathi Angahamba nami. Ngiyahamba eGameni likaJesu Kristu. [Ezinye zeziphawulo zikaMfowethu Branham kulukhuni ukuba uzwiwe emgqeni womkhuleko olandelayo—Umhl.]

226 Sathane, ngiyayilahla i . . . wena, eGameni likaJesu Kristu, ukuba uyiyeke ingane. Iyeke, phuma kulomntwana; hamba, futhi ingane mayiphile.

227 Ngibeka izandla zami phezu komfowethu, eGameni likaJesu Kristu, futhi ngiyakulahla ukuhlupheka komzimba wakhe. Amen.

EGameni likaJesu Kristu, muphe isicelo sakhe.

228 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, nikeza uDadewethu Ruth ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

229 Ngizokhulekela ingane. Kodwa ngi—ngiyehla ngisuka kulelo pulpiti . . . Uhlala kuphi na? [Udadewethu uthi, "Bloomington."—Umhl.] Bloomington, e-Indiana na? Ngibhalele incwadi mayelana nengane. Ivuvukele konke ngaphakathi esiswini lapha manje. Uzokholwa, nenekazi, ukuthi kuqinisile na? ["Ngikholwa ukuthi Kuqinisile."]

230 Khona-ke, Baba, ngibeke izandla zami phezu kwe . . . le ngane, futhi ngilahla lodeveli. Suka enganeni. Futhi kwangathi i . . . ? . . . Kwangathi manje ingaba ngephile kahle futhi ingane iphulukiswe.

Ngibhalele incwadi, ezinsukwini ezithi azibembili.

231 Niyayibona leyongane encane enamehlo ayizingxemu elele lapho na? Uma ningeke nisangabaza nhlobo, nizobuyisa *leyo*ngane futhi ikhombisa ukuba ngephile kahle futhi iphilile.

232 Ngibeka izandla phezu kwalodadewethu. Futhi kwangathi angaba nesimo sokuziphatha sowesifazane ongumSirofenike. Futhi kwangathi angaphulukiswa eGameni likuJesu Kristu . . . ? . . .

Kwangathi inhliziyo ingaphila, eGameni likaJesu Kristu.

233 Ngikhuluma lawa mazwi. Kuzofanele kuphile. Ngeke kwaba ngenye into. UJesu wathi, "Ngingakwenza, uma uzokholwa." Manje, uma Engenza ingwejeje ibonakale ngqo ka*njalo*, njengoba Enza ngenqama ngesinye isikhathi, angayenza leyo nhliziyo ibonakale ingephile kahle futhi iphilile. Kuzofanele.

EGameni likaJesu Kristu, makuthi inhliziyo iphile. Siphe khona.

234 Manje, akulula kanjalo na? Kulula. UNkulunkulu ungolula kakhulu, sigijimela phezulu kwakho. Manje yibani ngabalula nje ngokwanele ungabe usacabanga ngisho ngakho nhlobo. Kuzolunga.

235 Nkosi, makuthi udadewethu aphile, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Dadewethu . . . ? . . .

236 Nkosi, manje ngishilo lamazwi, ngokwethembeka njengoba ngivuma ngaphambi kwabantu. Ngibatshelile ukuthi, "Uma uthi kule ntaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, ungaba nakho okushilo." EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lokhu kuhlupheka kungasuswa, nazo zonke izinkathazo onazo. Ungangabazi manje. Hamba eduze naYe manje.

237 Nkosi, ngibeka izandla zami phezulu kwalona omncanyana nalokhu kuphathwa kwakhe ikhanda okusabekayo. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lingaphulukiswa. Amen.

238 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, makuthi leyontaba isuke kuye, kwangathi lingaphulukiswa. Kwangathi umfowethu angasindiswa! Futhi . . .?. . . Amen.

239 Isithulu nesimungulu . . .?. . . Nkosi, eGameni likaJesu Kristu! Ngimile futhi ngashumayela usuku nosuku, futhi unyaka nonyaka, angikaze ngibone ingane ihlangana naWe, kuyo yonke impilo yami, kodwa kukhona into eyenzekile! Manje, uyisithulu endlebeni yakhe, futhi unesibhono esiswini sakhe. Makaphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, ungangabazi.

240 Nkosi, Uyazazi izinhlupheko zomzimba wakhe. Nezandla ziphezu kwakhe, ngenhliziyo eqotho, makaphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

241 Ukufa kulele emnyango owodwa, ukukholwa kolandelayo. Nkulunkulu, gingqa itshe futhi uvumele ukukholwa kuthathe. Kwangathi umdlavuza ungamyeka, eGameni likaJesu Kristu.

242 Nkosi, kwangathi angaphulukiswa. Ngibeka izandla phezu kwakhe. UMlayezo usazungeza ezindongeni. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

243 Baba, Nkulunkulu, ngibeka izandla phezu komfowethu. Makube njalo, Nkosi, uMoya waKho namandla, ukumnika isicelo sakhe. Makube njalo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kufeziwe. Ungakungabazi manje.

244 Nkosi, isifiso somfowethu ukuza eBukhoneni baKho, nalesi simo phezu kwakhe. Manje, eGameni likaJesu Kristu, makabe nakho lokho akucelayo. Amen.

245 Into enkulu kanje! Makuthi uMoya oNgcwele uze kulomntwana, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu ukuthi bangahle bamlethe phezulu kokwakhe . . .?. . . Ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, kwangathi angakwemukela. Amen.

246 Baba, eGameni likaJesu Kristu, makube njalo, ukuthi udadewethu athole ukuphulukiswa, nesicelo sakhe sivunyelwe, eGameni likaJesu. Amen.

247 Kwangathi kungenziwa. Uzomukela uMoya oNgcwele. Ayikho indlela yokukuvimbela eku . . .?. . . Uzofanele! Uzofanele uWamukele, ngoba uNkulunkulu washo kanjalo. Yima ngakuWo.

Vele nje ugqobhoze loloqweqwe oluncane lapho. Vele uthi . . .?. . .

248 Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, yipha isicelo sikadadewethu. Amen.

249 Baba, eGameni likaJesu Kristu, yipha isicelo sikadadewethu. Kwangathi angaphulukiswa. Amen.

250 Angenza ingwejeje ibe khona, izikhathi eziyisikhombisa eziqondile. Ubeyonikeza lowo wesifazane noma yini ayeyicelile; Ubeyokunikeza khona . . .?. . .

251 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, nikeza isicelo sikadadewethu. YiZwi laKho. NgiyaKubonga. Futhi kwangathi anganikwa khona, Baba, ngoJesu Kristu. Amen.

252 Abathandiweyo bakho na? Baba, eGameni likaJesu Kristu, nikeza lezi . . .?. . .

253 Nkosi, lowesifazane omncane oyiJuda . . . Wena unguNkulunkulu ka-Abrahama. Siphe khona, eGameni likaJesu Kristu, isicelo sakhe. Makube njalo!

254 EGameni likaJesu Kristu, uNkulunkulu waseZulwini, mnike isicelo sakhe. Amen.

255 Lentombazanyana. Njengoba nje uza emsamo lapho, uNkulunkulu ubengitshela konke ngempilo yakho. Uzosusa lokho kwethuka kuwe.

256 Nkosi, ngiyakulahla ukwethuka kule ntombazane. Kwangathi kungayiyeka kuleli hora futhi iphume lapha ijabule kakhulu. Kuyakuba njalo, eGameni likaJesu Kristu.

257 UNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yaKho, uJesu, ekuvukeni siyathokoza, kwangathi ingathokoza kakhudlwana namuhla . . .?. . . EGameni likaJesu. Amen.

258 EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngibeka izandla phezu kukadadewethu, ngicela ukuthi aphulukiswe manje eGameni likaJesu.

259 EGameni leNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, kwangathi udadewethu aphulukiswe. Amen. Angeke kumvimbele. Kuzomele kuhambe. Hamba, lokhu nje kuzofanele kuhambe.

260 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphulukiswa. Amen. EGameni likaJesu Kristu, ngiphulukisa lokhu, dadewethu. Amen.

EGameni likaJesu Kristu, ngiphulukisa udadewethu. Amen.

EGameni likaJesu Kristu, ngiphulukisa udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, ngiphulukisa lona, udadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, ngimnika isicelo sakhe. Amen.

261 Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, nginikeza lomama omncane isicelo sakhe.

EGameni likaJesu Kristu, ngimnika isicelo sakhe, Nkosi.

Nkosi, eGameni likaJesu Kristu, ngimnika isicelo sakhe.

262 Sathane, ngiyakuxosha. EGameni likaJesu Kristu, myeke owesifazane.

263 Ububoshiwe isikhathi eside. Usukhululekile manje. Uzosinda. Kuzolunga manje, khona-ke. Kukholwe manje.

264 Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, nginikeza lodadewethu lokhu, ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

265 EGameni likaJesu Kristu, nginikeza lodadewethu ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

266 EGameni likaJesu Kristu, dadewethu, ngikunika ukuphulukiswa kwakho. Amen. Makube njalo!

267 Ngiyethemba kuNkulunkulu angilenzi iphutha. Siphe lokhu, ngokukholwa. Makube njalo!

268 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukunika amandla okuqinisa ukuphulukisa inkathazo yenhliziyo futhi na? Uyayikholwa leyondaba engisanda kuyixoxa na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke ngikunika ukuphulukiswa kwakho. EGameni likaJesu Kristu, ngikunika ukuphulukiswa kwakho.

269 Ubani igama lalona wesifazane osanda kubuyela emuva lapha na? Uhlala ngapha ndawo ndawo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakhumbula ukuthi uphulukisiwe! Lokho nje kuyiqiniso njengoba nje ngimi lapha.

270 Baba eGameni likaJesu Kristu, nika lona, ngiyakhuleka, ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

271 Baba, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaba nokuphulukiswa kwakhe. Amen!

272 Ngi—ngi—ngiyakumemezela . . . ngi—ngi—ngi . . . Ngomusa kaNkulunkulu, ngesipho sobuNkulunkulu, ngikunika ukuphulukiswa kwakho! Xosha lewodeveli, futhi.

273 Uyakholwa Dadewethu Rose na? O Nkosi, Mdali wamazulu nomhlaba, nika loDadewethu Rose Austin lokhu kuphulukiswa, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Yilokho-ke, Dadewethu Rose, hamba ukholwa manje.

274 INkosi, nikeza udadewethu ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

275 [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Uyakukholwa lokho na? Uyakukholwa nakho konke okuncinyane kwakho. Khona-ke ngiyakunika, eGameni likaJesu, isicelo sakho. UNkulunkulu uzomsindisa.

276 Kwangathi kungaba njalo, Nkosi, ukuthi umfowabo uzophulukiswa, ngokwenyama nangokomoya, eGameni likaJesu Kristu. Amen!

Kwangathi leli kungaba ihora ukuthi lapho . . . ? . . .

277 Nkosi, ngibeka izandla phezu kwakhe, lapho engenathemba ngokuphelele, kodokotela noma yisiphi isilapho esivela esayensini yezokwelapha. Kodwa kungesikho ukuhlangana noKristu ovukile. EGameni likaJesu, phulukiswa. Amen.

[UMfowethu Branham ukhuluma nodade—Umhl.]

278 Nkosi, nikeza udadewethu, ulalelisisa isicelo sakhe, ubhekisisa lonke izwi alishilo. Kungenxa yoMbuso. Ngiyakhuleka ukuthi Uzomnika sona, eGameni likaJesu.

[Udadewethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.]

279 Nkosi, njengoba inceku yakho ilalele lowo mama ekhalela ingane yakhe, ngiyamlahla udeveli ewenze lokhu.

280 Futhi phezu kokuvuma kowesifazane kokukholwa, ngixosha lodeveli. Ngeke wamkhubaza lomntwana. Phulukiswa eGameni likaJesu. Amen.

Usanda kuphulukiswa, dadewethu. Nje ungakungabazi, nakancane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Leyo yingane yakho na? Kwangathi ingemukela uMoya oNgcwele!

281 Ungeyithathe ingane uyise endaweni ethile futhi uyilalele nje imizuzu embalwa. Ngiyakholwa ukuthi okuthize kwenzekile enganeni. Uzokwemukela. Uyakukholwa lokho na?

282 EGameni likaJesu Kristu kwangathi umfowethu angemukela ukuphulukiswa kwakhe.

283 Nkosi, kwangathi aMandla kaNkulunkulu uSomandla angalahla ukuhlupheka emzimbeni wakhe, futhi amgcwalise ngoMoya oNgcwele. Leli yihora nesikhathi. EGameni likaJesu Kristu, ngiMnika khona. Amen.

284 Ushukela usuhambile. Wemukele uMoya oNgcwele. Sekuyisikhathi esingakanani uhluphekile. . .?. . . Yonke impilo yakho. Uyakholwa ukuthi uKristu uzokusindisa futhi akukhulule kulenhlupheko; akwenze uphile ngokujwayelekile na?

285 Umntwana na? [Udadewethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ulahlekelwe yingalo eyodwa. Ukuba benginawo, ukuba—ukuba benginamandla okuqina kimi uqobo, uyabo! Kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzongisiza ngibe nokukholwa ngakho. Ngizokwenza konke okusemandleni ami. Uyangikholwa na? Uyayikholwa leyo ndaba mayelana nalezo zingwejeje na? Uyakholwa na? [“Yebo.”] Uyakholwa ukuthi kungenzeka, ukuthi kulokhu kusa, ukuthi uNkulunkulu angaphulukisa umzimba wakho, futhi uhambe futhi, uhambe njengoba ubufanele ekuqaleni na? Kukhona into eyenzeka nje ekuzalweni kwakho lapho, kukhona okuthize okuphazamise okuthize kancanyana futhi nje awukhulanga kahle. Njengomlenze nje ukhula phezu komunye umlenze, kuyawehlisa. Awu, uma lowomlenze ungasuka kulowomlenze, uzothola ukululeka futhi ulunge. Uyabo? Kunjalo na? [“Yebo. Kunjalo.”] Yisiqalekiso. Yisiqalekiso. Uma isiqalekiso singasuka, khona-ke uzosinda. Niyabo?

286 Nkosi, ngiyacabanga, ukuba lona bekungumntwana wami, ukuba lona bekungu mfowethu na? Ngokukholwa, ngiyasisusa isiqalekiso, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

287 Nkosi, ngibeka izandla zami phezu kwakhe futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni kaJesu Kristu. Amen.

288 Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla kulona wesifazane ogulayo, ngenxa yokuphulukiswa kwakhe. Amen.

Dadewethu Nash, uNkulunkulu wakusindisa emdlavuzeni, eminyakeni ethize eyedlule.

289 Nkosi, nikeza uDadewethu Nash isicelo sakhe. Njengenceku yaKho, ngiyakucela. Kuzokwenziwa. Leyo impendulo, Dadewethu Nash.

EGameni likaJesu Kristu, nikeza udadewethu isicelo sakhe. Amen

290 [Umfowethu nodadewethu bakhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngiyabonga, mfowethu nodadewethu, ngifuna ukubuyela kubantu bakini ababelapho. Kwangathi uNkulunkulu angasipha khona. Isikhathi esimangalisa kanje, abantu bakini babuthana ngalapho ngenkathi ngangilapho. WawuseBombay ngenkathi sasilapho na? Awu, khona-ke uyazikholwa lezizinto engi . . . ozizwile na?

291 Nkosi, njengoba ebuyela emuva kubantu bakubo ngaphesheya kolwandle, kwangathi angahamba egcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu, ephulukisiwe kuzo zonke izicelo azicelayo. Kwangathi angahamba futhi akwemukele, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

292 EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, kwangathi udadewethu angasemukela isicelo sakhe.

293 Nkosi, yipha isicelo sikadadewethu. Kwangathi inkathazo yakhe inganyamalala, inyamalale khona manje, ngokuvuka ngoJesu Kristu. Amen. Dadewethu, kuzofanele kube njalo, nje kuzofanele kube njalo!

294 [Udadewethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ufuna lokhu kuphindwe eVangelini na? ["Yebo."]

295 Nkosi Nkulunkulu, njengoba lona wesifazane osemusha emi lapha, kungesikho ekwezinhloso zobugovu. Ukhulekela umfowabo, unesifo esithelelanayo egazini lakhe. Ngiyamnika isicelo sakhe. Ngomyalo engawunikwa yiNgelosi; futhi nangombono kaJesu Kristu, emavikini ambalwa edlule, ekamelweni lami; nginika lentombazane isicelo sayo. Amen.

296 Kuzofanele kube njalo. Uhlala eduze lapha na? [Udadewethu uthi, "Memphis, eTennessee."—Umhl.] EMemphis, eTennessee. Ngibhalele incwadi. Uzo—uzo—uzoba naso isicelo sakho.

297 Mfowethu Grimsley. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Grimsley.

298 Nkosi, singakhumbula ukuthi lomfowethu uqhamuka kude kangakanani, nomgodi ayewe kuwo. Ufuna okuningi koMoya waKho, Nkosi. Lokhu ngiyamnika khona, eGameni likaJesu Kristu. Ngibona imuva lakhe lisebenza, ukuthi uzamile ukuKulandela, khona-ke, ngaMandla o—omyalo owanikezwa mina ngoJesu Kristu, waqinisekiswa ngeNgelosi nombono, nginikeza uMfowethu Grimsley isifiso sakhe. Mgcwalise agcwale ukholo, nokuhamba eduze azoba nakho.

299 Ukuba-ke bengikutshelile, hamba futhi uphile, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu na? Uyakukholwa engikushoyo ngalezo zingwejeje nalezo, futhi uyakholwa yilokho ukuthi yiqiniso na? Khona-ke, Yena, Unginikeza lokho engikusho kule "ntaba." . . .?. . . Ngeke ube nokunye. Ngeke ube nokunye. Ngeke kusaba khona ezinye izifo, uzoba yikho kokubili, uphile.

300 Nginikeza lesi sicelo asicelayo, kuye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

301 Baba, Nkulunkulu, muphe lokhu, udadewethu, isicelo sakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kulungile, dadewethu, hamba, kukholwe.

302 Baba, njengoba lowesifazane edlula, ngiyakhuleka ukuthi Uzomnika isicelo sakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

303 EGameni likaJesu Kristu, nginika lowesifazane isicelo sakhe. Amen. Ungangabazi.

304 [Udadewethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uzokwemukela na? ["Yebo."] Khona-ke ngiyakunika isicelo sakho, ngaMandla enginikezwe wona ngomyalo kaJesu Kristu, futhi wafakaza . . .?. . . Hamba, futhi—futhi uNkulunkulu uzoba nawe.

305 Mfowethu Fred, yini esingayenza na? [UMfowethu Sothmann ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Mfowethu Freddie Sothmann, ngiyabuyala lobubuthi emzimbeni wakho. Kwangathi kungamyeka, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

306 Mfowethu Collins. [UMfowethu Collins ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.]

307 Nkosi, lomfowethu oyigugu ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nkosi, ngakho konke okungaphakathi kimi, ngimemezela lesiSibusiso phezu kukaMfowethu Collins. Siphe khona. Kwangathi uMoya oNgcwele ungafika phezu kwakhe, futhi kwangathi angagcwaliswa ngoMoya oNgcwele! Amen.

308 Mfowethu Collins, uzofanele uWamukele, Uzofanele ufike nje. UNkulunkulu kuphela uyasivivinya.

309 Nkosi, mnike isicelo sakhe. Kwangathi angaKukhonza, nomndeni wakhe ukhonze Wena, ngazo zonke izinhliziyo zabo.

310 Nkulunkulu, nikeza udadewethu isicelo sakhe. Kukho konke akucelile, kwangathi angakwemukela, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

311 Nkosi, nikeza lomfowethu amandla okuqina ukusiza ibandla lakhe. Kwangathi lokhu kunganikezwa. Ngimnika lamandla okuqina, ngoJesu Kristu. Amen.

312 [Udadewethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Dadewethu, leyo yinto esabekayo onayo, ukwethuka. Uyakholwa ukuthi engikushilo kuwe kuyiqiniso na? [“Yebo, ngiyakholwa.”] Uyakholwa . . . ? . . . [“Yebo.”] Khona-ke ngikunika ukuphulukiswa kwakho, ngeGama likaJesu Kristu. Ngokuqinisekile nje njengoba ngimi epulpiti, ukwethuka kwakho sekuhambile kuwe.

313 [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kuvela, kuwe wonke.

314 Nkosi Nkulunkulu, kumfowethu omncane oyigugu lapha, ukujula nezinjulo zomoya wakhe zibiza njengotwa lubizana noTwa. Ufuna uMoya oNgcwele. Uyihloniphile inkonzo yaKho, Nkosi, ngazo zonke izindlela abengazenza. NgaMandla kaMoya oNgcwele, kwangathi Kungafika phezu komfowethu, futhi agcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu nomusa, uMoya oNgcwele. Memukele, njengoba ngimnikela e . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org